# *AmaHeberu,*

# *Isahluko Sesikhombisa* [1]

. . .ubusuku, futhi ukuzwa uJoyce ecula. Nanazi ukuthi lokho isimangaliso kukho uqobo na? Leyo ntombazane encane, ingacabanga kanjani ngakho konke lokho na? Futhi ubusuku ngabunye inelinye elethu elisha. Ingakucabanga kanjani konke lokho, lokho ngempela ungqondongqondo omncane. INkosi ibusise lowomntwana.

2 Manje, kusasa, kugamenxe elesibili, ekhaya lomngcwabo e Charlestown, e Indiana. Owethu othandekayo, udadewethu ohambile, uDadewethu Colvin, simnika izinhlonipho zokugcina kuye, e—ekhaya lomngcwabo futhi ethuneni, kusasa ntambama. Omunye owake waphila njengoba ninjalo kulobubusuku, futhi udlulile ngaleya kweveyili lapho oyokwedlula khona ngesinye isikhathi. Futhi bonke abafisa ukuthamela inkonzo, ngani, wemukelikile ukuza. Kuyoba impela usizo olukhulu emndenini wakwaColvin, ukwazi ukuthi itabernakele lapha, lapho bonke beye ebandleni isikhathi eside kangaka, futhi kanjalo njalo, bezoya. Siyojabula ukuba nani nenyuke. Futhi ngicabanga i . . . uMfowethu McKinney wethu othandekayo, lowo owashumayela emngcwabeni womfowethu, eminyakeni eminingi eyedlula, unengxenye enkulu yomngcwabo, futhi ngiceliwe ukuza futhi ngimsize e—ezinkonzweni zomngcwabo.

3 Manje, ngibe leyithi nje kancane, kulobubusuku. Nginezinsimbi eziningi kakhulu emlilweni, angazi ukuthi ngizoya ngaphi. Kunokubizwa okuningi kakhulu, futhi lokhu kuphahlazeka nezingozi, nabantu bebiza, beza. Kuze, ngivele nje ngasuku eLouisville, emizuzwaneni embalwa edlule, ukubuyela lapha masinyane, futhi ngishiya ukubizwa okumbalwa okukhathazayo ngempela futhi kufanele kwenziwe, ngiqagele, namanje, kulobubusuku. Futhi manje sikhulekeleni sisahambisa.

4 Futhi kulokhu ukusa a—angifikanga nhlobo endikimbeni yami—yami, esahlukweni 7 seNcwadi ya—ya—yamaHeberu. Futhi sisaphenya kuyo, kulobubusuku, ngifuna ukwenza isimemezelo ngomhlangano kaMfowethu Graham Snelling, phezulu ethendeni phezulu lapha, ekupheleni kukaBrigham Avenue. Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukubuya ngoLwesithathu ebusuku. Futhi lapho siyohlela ubusuku obuthize esiyokwenyuka njengamanxusa, kuleliviki ngesinye isikhathi, ukuvakashela uMfowethu Graham emhlanganweni. Futhi uyi . . . uthi, "Enesixuku esihle." Futhi—futhi uyosithokozela

ukuba size, ngalolu sizo. UMfowethu Graham Snelling, ukhona omunye wenu owethamela umhlangano, noma ofisayo ukuwethamela, kuse kupheleni kukaBrigham Avenue nje phezulu lapha. Noma ubani anganitshela ukuthi kukuphi. Khona ngqo ekupheleni kwezinkundla zemidlalo, ithende lilungisiwe. Uyaluthokozela ubambiswano lwenu. Ngoba, thina njengetabernakele sithembe ubambiswano lwethu naye, ikhulu lephesente, ngakho sizama ukusiza.

5 Manje, khona–ke masinya sehlela endaweni, ye, iNkosi ithanda, esahlukweni 11 samaHeberu, ebusukwini obumbalwa, uma uNkulunkulu ethanda, futhi lapho ngiyacabanga sizoba nesikhathi esikhulu futhi.

6 O, iNkosi isibusisile kulokhu ukusa ngendlela emangalisayo, ukuthi Ithele kanjani uMoya waYo phezu kwethu! Futhi manje, kulobubusuku, siYibhekile ukuba ikwenze futhi; bese–ke kubake ngoLwesithathu ebusuku, futhi kuqhubeke. Futhi—futhi ubusuku engibugejayo, uMfowethu Neville uzoba lapha ukubucosha ngqo, uma ngiphumile.

7 Angazi nhlobo ukuthi ngizokwenzani, ungahle ube lapha kulelihora, futhi ngelinye ihora ngibizelwe eCalifornia. Niyabo, awazi nje ukuthi iNkosi iyothuma kuphi. Yingalesosizathu kulukhuni kimi ukwenza izinhlu zokuhamba nokuthi sithi sizo—sizokwenza *ukuthi nokuthi*. Ngingaqala ukwenza into ethize, iNkosi iyongithuma kwenye indawo ethize. Niyabo? Ngakho asazi nje ukuthi Izokwenzani. "Kodwa uma iNkosi ithanda," sasho njalo. Ngicabanga ukuthi siyathunywa, noma siyayalwa ukuthi, eBhayibhelini, "Uma iNkosi ithanda, sizokwenza izinto *eziwukuthi nokuthi*." Ngakho uma kungenzeki ukuthi senze isikhathi sokubonana ukuthi si . . . noma sifeze isikhathi sokubonana, sizwa ukuthi mhlawumbe iNkosi ibingathandi ukuthi kwenzeke.

8 Ngolunye usuku, salibaziswa, uMfowethu Roberson noMfowethu Woods nami uqobo. Futhi siyamangala, "Ngani na?" Ngangihlezi lapho, ngibuka imephu, ngiza ngehla ngqo, futhi sashayela amamayela angamashumi amahlanu sibuyela ngqo enyakatho futhi ngomgwaqo. Futhi kade ngihamba emgwaqeni omkhulu selokhu ngaba neminyaka cishe eyishumi nane ubudala. Futhi ngiyamangala ukuthi ngaze ngakwenza kanjani. Sasimi lapho, sonke sobathathu. Sonke sihambile imigwaqo emikhulu. Sibuka ngqo emephini, sigcina u 130, siza sidabula e Illinois, futhi senza ukujika okuncanyana impela, singaqaphelile ukuthi ilanga lalisemuva kwethu esikhundleni sokuba libe phambi kwethu. Sasiya enyakatho esikhundleni sokuya eningizimu. Futhi into yokuqala niyazi, sanqamula umgwaqo, ngathi, "Akusiwo umgwaqo olungile lona." Ngabuka ezansi lapho, futhi ngithola ukuthi, sasiphume ngamamayela angamashumi amahlanu endleleni. Sabuyela ngqo emuva . . .? . . .

9 Khona–ke ngenkathi sibuya, sa—sasixoxa. Ngathi, "Niyazi kungani na? Si. . .INkosi ingahle ukuba isedlule ngalendlela, ukusivikela ekubeni nengozi esabisayo ezansi lapha ndawondawo, lokho kungahle ukuba kwenze okuthize ngeny'indlela. Siyazi ukuthi zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda iNkosi. Yilokho kuphela okufanele sikugcine emqondweni."

10 Manje, kulobubusuku, siyaqala manje okwesifundo esincane esifundisayo. Futhi uma ngi. . .Angicabangi ukuthi sizofika phansi, mhlawumbe sizofika kulobubusuku, uku. . .Lesi isahluko esikhulu sokufundisa ngezishumi, ebandleni. Futhi kuyindaba enkulu, ebesingahlala kuyo amaviki namaviki, kuleyonto eyodwa, ukuthi uAbrahama wazikhokha kanjani izishumi kuMelkisedeki, uma ngabe kubalulekile yini.

11 Ngabe lesisishayisa–moya ukhona esimlimazayo emuva lapho na? Kungcono nisicishelwe na? Uma silimaza noma ubani, siphephetha ebusweni babo, noma yiziphi zezishayisa–moya. Uma sinilimaza, nje phakamisani izandla zenu. Futhi, noma nje uthume oyedwa wabangenisi, thuma othize phezulu lapha kumfowethu lapha, uzokucishela sona. Futhi ngithanda ukusigcina siqhelisiwe kimi uqobo; ngiyashisa futhi ngiyajuluka, khona-ke, into yokuqala niyazi, ngi—ngisha izwi. Ngakho, kukini, ngakho ngeke kungikhathaze mina noma kanjani. Sifuna nithokomale manje.

Asizukuzama ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu senu, kodwa nje sizobuka ngqo eZwini. Futhi ngaphambi kokuba sikwenze, asikhulume kumqalisi umzuzwana nje.

12 Manje, Baba waseZulwini, asazi ukuthi kunani enqolobaneni. Kodwa into kuphela esiyaziyo, futhi siyaboniswa, ukuthi izinto ezinhle zibekwe phambi kwethu. Ngokuba kulotshiwe, "Iso alikubonanga, kanjalo nendlebe ayikuzwanga, kanjalo akungenanga ezinhliziyweni zabantu, lokho uNkulunkulu ababekele khona, abaMthandayo."

13 Futhi siyakhuleka ukuthi Uzovula amafastela aseZulwini kulobubusuku, enqolobaneni yaKho, futhi siphe iZwi laKho, lokho kuzoba okuthize okufanele, okuthize ukwandisa ukholo lwethu njengamaKristu, futhi senze sizinze kakhulu—kakhulu eVangelini, kunalokho ebe siyikho ngenkathi singena. Siphe khona, Baba. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLinikeze enhliziyweni ngayinye njengoba sinesidingo. EGameni likaJesu, siyakhuleka, iNdodana yaKho ethandekayo. Amen.

14 Manje, kulokhu ukusa, ekushiyeni ivesi lokugcina lesahluko 6, ngakho singaya ngqo kwesesi 7.

> *Lapho uJesu eyisigijimi soku sandulela wangena khona, esewaba–ngumpristi omkhulu kuze kube-phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.*

15 Manje sizofunda amavesi amathathu okuqala, noma amavesi amabili okuqala, noma amavesi amathathu okuqala, njalo, esahluko 7, ukuze sithole ukwazi ukuthi siqale ngqo.

> *Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu ophezukonke, owahlangabeza uAbrahama mhla ebuya ekubulaleni amakhosi, wambusisa;*
>
> *UAbrahama wamabela okweshumi kukho konke,* (nazo izishumi zakho); *yena ogama lakhe lithi kuqala ukuhunyushwa kwalo iNkosi yokulunga, bese kuba–yinkosi yaseSalema, okungukuthi, iNkosi yokuthula;*
>
> *Engenayise, engenanina, engenaluzalo, engenakuqala . . . engenakuqala kwezinsuku, nokuphela kokuphila; kepha efaniswe neNdodana kaNkulunkulu, uhlala engumpristi njalo njalo.*

16 Inkulumo–mbiko emangalisa kanje pho! Manje sifanele sibuyele emuva eTestamenteni eliDala, ukumba sikhiphe leminyombo emikhulu. Futhi, o, ngiyithanda ngakanani!

17 Niyazi, phandle eArizona, sasivamise ukuhlwaya. Futhi sasingena esiqeshini sokubuka umhlabathi osifanele, uMnu. McAnally nami uqobo. Futhi sasibona indawo lapho owabukeka sengathi, emigodini emincane, lapho ukumunceka okuncane, abakubiza ngoma "geza." Futhi ngangi . . . Wayengihlisa futhi angenze ngihlikihle isihlabathi futhi ngithi "whewu," kusiphephetha. Bese ngihlikihla bese ngithi "whewu," ngisiphephetha. Futhi ngamangala ukuthi wakwenzelani lokho. Kutholakala ukuthi, uyabo, uma uphephetha isihlabathi, sibalula. Futhi konke, ngisho nasemthofini, ulula kunegolide. Igolide liyasinda kunomthofu. Ngakho uma wena uphephetha, zonke izinsimbi nesihlabathi nokungcola kuyophephetheka, kodwa igolide liyosala enhlabathini. Ngakho–ke, uma unokugezeka phezulu phakathi *lapha*, kukhombisa ukuthi kukhona umushwa wegolide ndawo ndawo phezulu phakathi lapho. Lemvula igeze lezizingcezwana zaphuma. Ngakho-ke sithole okumbiweyo nokunye nokunye, futhi simbe igquma phezulu, cishe impela, sizama ukuthola leligolide. Sibhola izimbobo emhlabathini, siwambe siwakhiphe. Kubekwe odalimede, bakuphephetha phansi. Belokhu bephephetha imigodi, sehle size sithole, ukuthola umthambo omkhulu. Manje, yilokho esikubiza ngo "kuhlwaya."

18 Futhi kulobubusuku sizama ukuthatha iZwi likaNkulunkulu, futhi siLisebenzise ngamandla kaMoya oNgcwele, ukuphephetha bonke ubutha nokungabaza kusuke kithi, zonke lezozinto ezilula ezincane ezinobulula engenasisekelo, azinasisindo empilweni yethu, sifuna

ukukuphephetha kusuke konke ukuze sithole loMthambo okhazimulayo. Lowo Mthambo uKristu.

19 Futhi manje kwangathi uNkulunkulu angasisiza sisafunda futhi sitadisha eZwini laKhe. Ezokugcina, izahluko ezintathu zangaphambili, cishe impela, besikhuluma ngokuzwa, ngasikhathi nje, uMelkisedeki.

20 Manje, ngicabanga ukuthi uPawulu unikeza ukuhumusha okuyikho.

*Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema, . . .*

"Nkosi yaseSalema." Futhi noma yisiphi isifundiswa seBhayibheli siyazi ukuthi iSalema ekuqaleni yayi . . . iJerusalema ekuqaleni yayibizwa nge "Salema." Futhi WayeyiNkosi yaseJerusalema. Mbhekisiseni.

*. . . umpristi kaNkulunkulu ophezu konke,* (lowo ngumnxuseli)*, owahlangabeza u Abrahama . . .*

Ngifuna ukuthola uzalo kwakhe, loMuntu omukhulu, ukuze uzokwazi ukuthi uNgubani, kuqala, futhi–ke wena . . . sizoqhubeka nendaba.

*. . . ebuya ekubulaleni amakhosi, wambusisa;*

*U Abrahama wamabela okweshumi . . . kuqala ukuhunyushwa kwalo iNkosi yokulunga, . . .*

Manje bhekisisani, "Ukulunga." Manje, sinokulunga kokuzenzela, sinokulunga kokuzensisa, sinokulunga okuphendukezelwe, zonke izinhlobo. Kodwa kukhona okukodwa ukulunga kwangempela, futhi lokho kulunga kuvela kuNkulunkulu. Futhi loMuntu wayeyiNkosi yokulunga. Wayengaba nguBani na?

21 Manje, WayeyiNkosi yokulunga, iNkosi yaseJerusalema, iNkosi yokulunga, iNkosi yokuthula. UJesu wayebizwa ngokuthi, "INkosi yokuthula." Futhi inkosana indodana yenkosi. Ngakho, loMuntu wayeyiNkosi yokuthula, khona–ke Wayeyofanele abe nguBaba weNkosi yokuthula. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

22 Manje ake sibone, sithole uzalo lwaKhe phambidlana kancane, ukubona ukuthi siyaphi.

*Engenayise, . . .*

Manje, uJesu wayenoYise. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela.

*. . .* waye*ngenanina, . . .*

UJesu wayenomama. Kodwa loMfo wayengenayise engenanina.

*. . . engenaluzalo, . . .*

Wayengenamuntu Ayeqhamuka kuye, noma yiluphi uzalo. Wayekhona njalo. "Engenazalo."

*. . . engenakuqala kwezinsuku, . . .*

Wayengakaze abenesikhathi Aqala ngaso.

*. . . nakuphela kokuphila, . . .*

Kwakungebe yilutho kepha uNkulunkulu. Yilokho kuphela Okwakungaba yikho.

23 Manje, manje uma nizoqaphela njengoba sifunda ivesi elilandelayo. Niyabo? "Kuqala, ngokuhunyushwa, iNkosi yokulunga." Lokho akusikhona lapho engifuna ukwenza khona. I—ivesi 3, "Nakuphela kokuphila."

*. . . kepha efaniswe neNdodana kaNkulunkulu; . . .*

Manje, Wayengesiyo iNdodana kaNkulunkulu, ngokuba, uma WayeyiNdodana, Wayenokuqala. Futhi loMuntu wayengenakuqala. Uma WayeyiNdodana, wayefanele abe nabobobabili uyise nonina. "Futhi loMuntu wayengenayise engenanina. Kodwa *Efaniswe* neNdodana kaNkulunkulu,"

*. . . uhlala engumpristi njalonjalo.*

24 Manje, uDr. Scofield uzama ukusho, ukuthi, "Kwakungubupristi, obubizwa ngokuthi, 'Ubupristi bukaMelkisedeki.'"

Kodwa nje ngifuna ukunithatha kulokho nje imizuzwana embalwa. Uma kwakungubupristi, khona–ke kwakufanele bube nokuqala, futhi babufanele bube nokuphela. Kodwa, "Lokhu kwakungenakuqala noma kwakungenakuphela." Futhi akashongo ukuthi wahlangabeza ubupristi. Wahlangabeza iNdoda, futhi bambiza ngegama lakhe "Melkisedeki." WayenguMuntu, hhayi ihlelo, hhayi u—u—ubupristi noma ububaba. WayeyiNdoda uqobo ngegama likaMelkisedeki, owayeyiNkosi yaseJerusalema. Hhayi ubupristi, kodwa iNkosi engenayise. Obupristi abunayise. "Futhi leNdoda yayingenayise, ingenanina, ingenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila." Manje, iNdodana kaNkulunkulu . . .

25 Kwakungubani lo, lona kwakunguJehova. Lona kwakunguNkulunkulu uMninimandla onke qobo lwaKhe. Kwakungebe ngomunye.

26 Manje qaphelani, "Uhlala njalonjalo." Unobufakazi lapha, ukuthi, "Uyaphila. Akafi nhlobo." Akazange afe. Wayengakaze abe yilutho olunye kodwa ephila. "Uhlala njalonjalo."

27 Manje, uJesu wenziwa, wafaniswa naYe. Manje, isizathu sokuthi kube nomehluko phakathi kukaNkulunkulu noJesu: uJesu wayenokuqala; uNkulunkulu wayengenakuqala. UMelkisedeki wayengenakuqala, futhi uJesu wayenokuqala. Kodwa uJesu wenziwa, wafaniswa naYe. "Umpristi, uhlala njalonjalo."

28 Manje, ngenkathi uMelkisedeki wayesemhlabeni, wayengelutho ezweni kodwa u—uJehova Nkulunkulu enziwe

wabonakaliswa ngokudalwa, Wayelapha njengomzimba–moya. UAbrahama wake wahlangana naYe, ethendeni lakhe. Futhi njengoba sishilo kulokhu ukusa, "UAbrahama waMqonda. Futhi Watshela uAbrahama ukuthi Wayezokwenzani, ngoba Wayengezukushiya ifa lezwe liphuphuthekile ezintweni Ayezozenza."

29 Ake ngime lapha umzuzu, ukusho, uNkulunkulu uselokhu enomqondo ofanayo ngeBandla laKhe. Anisibo abantwana bobumnyama. Ningabantwana bokuKhanya. Futhi i... thina esi... "Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakulidla ifa lomhlaba." Futhi uNkulunkulu ubenga, Owenza ku—ku Abrahama, owayezodla ifa lomhlaba...Futhi Wathi, "Angizukuzigodla lezizinto kumuntu ozodla ifa lomhlaba." Uyozembula kakhulu kangakanani–ke izimfihlo zaKhe eBandleni laKhe eziyodla ifa lomhlaba!

30 UDaniyeli wathi, "Ngalolosuku behla benyuka, ukwazi kube–kuningi." Futhi wathi, "Abahlakaniphile bayomazi uNkulunkulu wabo, ngalolosuku, futhi bayophikelela kakhulu ngalolosuku. Kodwa ababi abayikumazi uNkulunkulu waseZulwini." BayaMazi esimweni nasesimweni senkonzo, njengesifundo sethu sokuqala sathi, kodwa abaMazi ngendlela yokuphelela.

31 Futhi uNkulunkulu angasebenza kuphela ngokuphelela, ngoba Uphelele. Malibongwe iGama laKhe. Kufanele kube umgudu ophelele uNkulunkulu asebenza ngawo, ngoba Angenze lutho olunye kodwa ukuba asebenze ngokuphelela. Angezonakalise Yena nganoma iyiphi indlela. Futhi-ke kungakho uJesu wafika ukususa izono zethu, ukuze sipheleliswe, ukuze uNkulunkulu asebenze ngeBandla laKhe. Kulapho imfihlo ilele khona.

Kulapho izwe liphuphutheke khona. Kulapho befuna ukusho, ukuthi, "Ulahlekelwe umqondo wakho." Kulapho befuna ukusho, "Awukwazi okhuluma ngakho."

Ngoba, "Izinto zeNkosi ziwubuwula ekuhlakanipheni kwalelizwe. Kodwa izinto zezwe ziyinyama ekholweni." Ngakho, ungumuntu ohlukile, uphila embulungeni yomhlaba ehlukile. Awusesuye owalelizwe. Wedlulile kulokhu ukuphila wangena ekuPhileni okusha.

32 Ngakho-ke, uNkulunkulu uyembula, hhayi ezweni, hhayi kusiyazi wokusebenza kwengqondo yomuntu, hhayi kubefundisi abafundile, kodwa kothobile enhliziyweni. Abantu baKhe abathobile, Uyokwembula izimfihlo zezinto ezinkulu zikaNkulunkulu, kubo. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

33 Manje, manje, uAbrahama wayezodla ifa lomhlaba. NgeNzalo kaAbrahama zonke izizwe zazizobusiswa. Ngakho uNkulunkulu wehla futhi wakhuluma naye, ngesimo soMuntu.

Manje, uNkulunkulu ubehlala njalo esemhlabeni. UNkulunkulu akakaze awushiye umhlaba. Uma Ubeke wawushiya umhlaba, angazi ubuyoba yini. Kodwa uNkulunkulu Ubehlala njalo elapha kwesinye isimo. O, alidunyiswe iGama laKhe!

34 Wayenabantwana ehlane, bephuma eGibhithe, esimweni sokuKhanya. Wakhuluma kuAbrahama ngesimo soMuntu. Wakhuluma kuMose ngesimo soMuntu. Wakhuluma eBandleni ngesimo soMuntu, iNdodana yaKhe, uKristu Jesu.

Futhi uyakhuluma eBandleni Lakhe namhlanje, ngeBandla eligcotshiweyo likaNkulunkulu ophilayo, ngezitsha zobumba. "Ningamagatsha. NgingumVini." UNkulunkulu usakhuluma, futhi izwe libona uJesu lapho niMethula. Likanjalo izwe. . . "Niyincwadi ebhaliwe, efundwa ngabantu bonke." Impilo yakho isho lokho oyikho.

35 Manje, lo Abrahama endleleni yakhe, ebuyela emuva. Sizobuyela emuva futhi sifunde ngaYe, imizuzwana embalwa nje, eNcwadini kaGenesisi. Esahlukweni 14 sikaGenesisi, ngikholwa ukuthi yiso. O, inhle kanjani indaba lapha! Manje, sonke simazi ngo Abrahama, ukuthi uNkulunkulu wambiza kanjani waphuma eZweni laseKalideya nomuzi wase Uri, futhi wamtshela ukuba azehlukanise yena kwahambisana nabo.

UNkulunkulu ubiza abesilisa noma abesifazane, Ubiza ukwehlukana.

36 Manje, yileyo inkathazo ngamabandla namhlanje, abafuni ukuzahlukanisa kowenyama okudala u belie–. . . abangakholwa. Yingakho singeke saqhubekela phambili. Singena nje kulokho kugeleza okukodwa kwenyama, futhi si—sithi, "O, uJim ungumfo olungile, uma ephuza. Uma e. . . Futhi ngiyahamba naye esitolo sokubheja ngemali, kodwa angikudlali ukubheja ngemali. Ngi—ngi—ngihamba naye owesifazane ngiye ephathini. Baxoxa amahlaya angcolile, futhi okunye nokunye, kodwa angiwa xoxi nhlobo."

37 "Phumani phakathi kwabo." Kunjalo. "Zahlukanise. Ungathinti izinto zabo ezingcolile, futhi Ngiyokwemukela," isho iNkosi. "Ningaboshelwa jokwe linye nabangakholwa, ningeboshelwe ngokungalingani ndawonye." Ungakwenzi. Zahlukanise.

38 Futhi uNkulunkulu wabiza uAbrahama ukuba azehlukanise kuzozonke izihlobo zakhe, futhi ahambe naYe. Mfowethu, kwezinye izikhathi kusho ukushiya ibandla. Kwasho lokho kuPawulu. Wafanele ashiye ibandla lakhe. Kwasho lokho kwabaningi. Kwezinye izikhathi kusho ukushiya ikhaya. Kwezinye izikhathi kusho ukushiya ubaba nomama, futhi ushiye konke. Angiqondile ukuthi kuyakwenza ngasosonke isikhathi, kodwa kwezinye izikhathi kuyakwenza. Kuchaza ukuthi uzothatha yonke into phakathi kwakho noNkulunkulu,

futhi uhambe naYe yedwa. O, lokho okubusisiwe, ubudlelwane obumnandi, lokho kuhlanganyela onakho uma wehlukanisa into yakho, omina, ezintweni zezwe futhi namakholwa elihlekisa ngawe, futhi uhambe wedwa noKristu!

39 Kukangaki ngibonga uNkulunkulu! Wathi, "Ngiyoninika obaba nomama kulelizwe lamanje. Ngiyoninika abangani nohambisana nabo. Futhi angisoze nganiyeka, aNgiyikunishiya. Noma izwe likufulathela, Ngiyohamba nani, kuze kube sekupheleni kwendlela."

40 Inhlanhla ebusiswe kangaka, lowo muntu unaleyonselele ukulandela iNkosi uJesu, ukuzahlukanisa yena uqobo kubobonke abambisana nabo bakhe bokwenyama, ukulandela iNkosi. Futhi uma noma yimuphi umuntu obonakala bengaziphathi ngokuyikho, futhi ukuziveza bona uqobo njengamaKristu, kodwa bethanda izinto zenyama, kuhle kakhulu kuwe ukuzingela omunye uphathini khona manje. Kunjalo. Futhi uma kungekho muntu ozohamba nawe, ukhona Owethembise ukuhamba nawe. Lowo, iNkosi uJesu obusisiwe, Uyohamba nawe.

41 UNkulunkulu watshela uAbrahama uku, "Zahlukanise." Futhi nje engumuntu njengoba uAbrahama wayenguye, wahamba noyise, wahamba nendodana yomfowabo, umshana wakhe; bonke belenga kuye. Futhi uNkulunkulu akazange nhlobo ambusise waze wenza lokho uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze.

42 Angisho ukuthi awusuye umKristu. Lokho, angenzi noma ubani aphambane nomthetho wubuKristu. Kodwa ngizosho lokhu, ukuthi uma uNkulunkulu ekutshele ukuba wenze okuthize, akasoze Akubusise uze ukwenze. Ngisepulpiti kulobubusuku nokunye kwalezozinto zibambelele kimi. Imihlangano yami awubanga yilokho ebifanele ibe yikho, eminyakeni emibili edlule. Kungoba ngehlulekile eNkosini. Yangitshela uku, "Ukuya e Afrika, bese–ke ngiya eNdiya." Nakhu, kulotshiwe khona lapha, ngemuva kwaleNcwadi, khona manje.

43 Imenenja yangibiza, yathi, "Akuhambe laba abakhuluma isiBhunu. INdiya isilungile."

44 UMoya oNgcwele wahlangana nami, wathi, "Uyoya e Afrika njengoba ngakutshela ukuba uye."

45 Futhi omunye unyaka wedlula. Futhi izimenenja . . . NgaKukhohlwa. Wathi, "Siya eNdiya. Amathikithi selilungile lapha."

46 Ngaqala ngasuka, saKukhohlwa ngaze ngaya e Lisbon. Ngobunye ubusuku, ukuthi, ngacabanga ukuthi ngangifa. Ngokusa okulandelayo ngaqala, ngaya ngale endlini yokugezela, ukuyogeza umzimba. O, ngangigula kakhulu, ngangisukuma kanzima. Lapho, lokho kuKhanya kulenga lapho endlini

yokugezela, kwathi, "Bengicabanga ukuthi ngakutshela, 'Uye e Afrika, kuqala.'"

47 Imihlangano yami ubulokhu wehluleka kancane kancane kusukela kulesosikhathi. Nakuba ngaya eNdiya, cishe nengxenye yesigidi imile lapho, kodwa kwakungesikho lokhu uNkulunkulu athi kwenze. Ngizwa ukuthi imihlangano yami ayisoze yaphumelela ngize ngibuyele emuva ngqo futhi ngilungise leyonto. Akunandaba ukuthi ngenzani, yi Afrika, kuqala, ngoba ufanele ukwenze. Lilele lapho iZwi likaNkulunkulu eliPhakade, lilele lapho. Ngangazi kangcono kunalokho. Kodwa ngifanele ngibuyele emuva. Futhi ngizwa ukuthi kulonyaka ozayo isikhathi sokuba ngihuquzele ngiphume egobogweni, ngosizo lukaNkulunkulu.

48 Leli elikhazimulayo, iVangeli elidala ebelikhula kalula, njengesihlahla som-oki, kodwa ngiyakholwa sesilungela ukusabalalisa amagatsha aso manje. NgiyaKukholwa, lomMlayezo omkhulu nento enkulu. Ngiyakholwa ukuthi iNkosi izosivumela ukunyakazisa izwe futhi ngodumo lukaNkulunkulu.

49 Ufanele wenze lokho uNkulunkulu akutshele ukuba ukwenze. Futhi uAbrahama waqhubekela phambili ngqo, wathatha abafo bakhe naye. Wayebathanda. Lokho ingxenye yobuntu. Kodwa emva kwesikhashana, masinya, ubaba wakhe wafa futhi wamngcwaba. Khona–ke wayenomshana wakhe, khona–ke izingxabano nezimpikiswano kuyafika. Futhi, ekugcineni, uLoti wathatha ukukhetha kwakhe futhi waya ezansi eSodoma. Futhi niyiqaphela uAbrahama, akaqophisananga noLoti. Wathi, "Singabazalwane. Asifanele siphikisane. Kodwa phakamisa ikhanda lakho futhi uye la ufuna khona. Uma uya empumalanga, ngizoya entshonalanga. Uya enyakatho, ngizoya eningizimu." Leso isimo somKristu, vuma ukunika omunye umuntu okukwedlula konke ophathelene nakho. Njalo kwethule kuye, makathathe ukukhetha kwakhe.

50 Ngokuba ngani na? Yini eyenza uAbrahama akwenze na? Wayazi ukuthi wethenjiswa nguNkulunkulu ukuthi uyodla ifa layo yonke into, noma kanjani. Amen. Ngakho, ke, ithende noma ngabe indlwana, kungani sikhathalele na? Yonke into ingeyethu. "Babusisiwe abamnene ngokuba bayodla ifa lomhlaba." Konke kungokwethu. UNkulunkulu washo njalo. Ngakho nikeza umuntu ukukhetha okwedlula konke, uma efuna ukukwenza. Mhlawumbe yilokho kuphela ayoke akuthole. Kodwa konke kungokwakho, izindlalifa zensindiso ngesithembiso. Konke kungokwakho.

51 Ngakho, uSara, owesifazane omuhle ukubedlula bonke ezweni, wahlala phezulu lapho emmangweni nomyeni wakhe njengoba wayefanele enze. Yena ejwayelekile, awu, angahle ukuba wayengagqoka izingubo nje zikakaliki

ezejwayelekile, kumbe noma ngabe yini ofuna ukukubiza ngakho. Ngenkathi uNkk. Loti wayegqokisa okukasozigidi. Futhi umyeni wakhe wayeyimeya yedolobha. Wayengumahluleli owayehlala esangweni. Wayenakho konke; wayethamela yonke imijikelezo yokuthunga namaphathi amakhadi ayekhona eqhubeka eSodoma naseGomora. Kodwa uSara wayethokoze kakhulu ukuhlala nomyeni wakhe bephila ngokudla okungengakanani, futhi azi ukuthi wayesentandweni kaNkulunkulu, kunokuthokozela izingcebo ze . . . noma injabulo yezingcebo zesikhashana. Kunjalo. Kungenkathi uNkulunkulu evakasha.

52 Futhi ngelinye ilanga, wena, nje njengoba impela nje uthatha indlela engalungile, kuyokubamba ngelinye ilanga. Ungahle ucabange ukuthi uzohamba kahle. Ungahle ucabange ukuthi uyedlula, kodwa awedluli. Kungahle sengathi kumbozekile konke, kodwa akwemboziwe konke. UNkulunkulu wazi konke. Uyazi noma ngempela ukuqondile ukuvuma kwakho noma awukuqondile. Uyazi noma ngempela uchaza ukuthi uyaMkholwa futhi usindisiwe, futhi uMemukele, futhi ufile ezintweni zezwe, futhi uyaphila kuKristu. Uyakwazi lokho.

53 Manje, siyaqaphela uAbrahama, ngifuna niqaphele lomoya wangempela. O, yonke into ebusisiwe lapha umusa. Ngifuna nifunde kanye nami manje esahlukweni 14 sika . . . Eksodusi, umzuzwana nje.

54 Manje, into yokuqala eyenzekile ngenkathi behlela lapho, uLoti wangena enkathazweni. Ngani na? Wayephumile entandweni kaNkulunkulu. Futhi uma ungena enkathazweni uma usentandweni kaNkulunkulu, uNkulunkulu uyokusiza akukhiphe. Kodwa uma usenkathazweni, uphumile entandweni kaNkulunkulu, yinye kuphela into ongayenza, buyela entandweni kaNkulunkulu futhi.

55 Manje, amakhosi onke azidonsela wona ndawonye, futhi bacabanga ukuthi amathafa ezansi lapho laliniselwe kahle, futhi ayeyokwehla bese bethatha leliSodoma elidadlana, iGomora, alidle. Futhi akwenza. Futhi ngenkathi ehlela futhi alidla, ahamba noLoti.

56 Manje ngifuna niqaphele uMoya kaKristu lapha ku Abrahama. Manje qaphelani ivesi 14.

> *Nxa u* Abrahama *esezwile ukuthi umzalwane wakhe* . . . (Niyakuthola na?) . . . *umzalwane wakhe uthunjiwe, wabutha izinceku zakhe ezifundisiweyo, ebezizelwe endlini yakhe, ezingamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili, wabaxosha kwaze kwaba–kwaDani.*

57 O, umcabango obusiswe kanje womusa! UAbrahama, ngenkathi umzalwane wakhe, noma ewile emseni, noma wayekulesisimo sokuhlubuka; ngenkathi ezwa ukuthi izwe

limbambile, futhi limthumbile futhi lamthatha, ukumbulala, uAbrahama wenza ngoMoya kaKristu. Wafika futhi wahlomisa onke amadoda akhe eyayizalwe endlini yakhe, futhi wabalandela, futhi wabaxosha indlela yonke kuya kwaDani. Futhi iDani iyimikhawuko yasePalestina, "KwaDani kuya eBeri–sheba," kusukela ekugcineni kuya kokunye. Futhi kungumfanekiso kaKristu, ngenkathi Ebona ukuthi izwe lalithathe. . . laliwile, ukuthi Waxosha isitha kuya ekugcineni, ukuba abuye emukele isizwe esiwileyo sikaAdamu.

58 Ngifuna niqaphele ivesi elilandelayo, ukuthi kumnandi kanjani lapha uMoya ukhuluma ngaye. Kulungile, ivesi 15 manje.

> *Wabuyisa yonke* (konke) *impahla, wambuyisa noLoti umzalwane wakhe, nempahla yakhe, nabesifazane, nabantu.*

59 Ngenkathi uAbrahama elandele isitha esasithathe umzalwane wakhe, wasixosha yonke indlela ngapesheya esizweni sonke, kwaDani, futhi wabuyisa emuva yonke into eyayimlahlekele ekuweni.

60 Isithombe esihle kanje sikaKristu, owezwa eseZulwini ukuthi sasilahlekile futhi wafika futhi waxosha isitha, yonke indlela eya esihogweni, futhi wathumba imiphefumulo elahlekile futhi wasibuyisela emuva futhi wasibuyisela yonke into esasinayo ngaphambi kokuwa! Thina, bahlubuki, thina esazalwa ukuba sibe amadodana kaNkulunkulu; ephendukezelwe emadodaneni kaDeveli, futhi wenza, salandela izinto zezwe, futhi senze okungalungile, futhi sagijima ngokuhaha njengoba kwenza uLoti, sidayisa ubuzibulo bethu futhi silandela izinto zezwe. UKristu wehla. Noma siwile; uNkulunkulu, azi ekuqaleni ukuthi ubani oyosindiswa nokuthi ubani ongenakusindiswa, ngokho–ke uyehla futhi waxosha isitha wedlula ekuphileni, wedlula ekufeni, wedlula eparadise, waze wayongena esihogweni. Futhi yonke indlela ukusuka eNkazimulweni kuya esihogweni, futhi wathatha a—amandla esihogo, nezikhiye wazisusa kuDeveli, futhi wavuka futhi, futhi wabuyisela esintwini, ukuthi angaba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu futhi.

61 Niyabo uMoya kaAbrahama lapho, uMoya kaKristu uza naye na?

62 Manje ngifuna niqaphele ngokuqhubeka kancane, njengoba sifunda.

> *Emva kokuba* ebuyile *ekunqobeni* le nkosi *uKederlawomere, namakhosi anaye, yaphuma inkosi yaseSodoma yaya ukumhlangabeza esigodini saseShave, esiyisiGodi seNkosi.*

63 Baphuma. Inkosi yaseSodoma yabuyiswa. Umzalwane wakhe wabuyiswa. Abantwana wabuyiswa. Futhi lapha

kwaphuma amakhosi ukumhlangabeza. Futhi, kanti futhi, nakhu la ngifuna ukufinyelela khona, umlayezo manje. Bhekisisani lapha.

> *Futhi—futhi uMelkisedeki, inkosi yaseSalema* (iNkosi yaseJerusalem, iNkosi yokuthula) *waletha isinkwa newayini: wayengumpristi kaNkulunkulu ophezukonke.*
>
> *Wambusisa, wathi, U*Abrahama *makabusiswe nguNkulunkulu ophezukonke umdali wa*mazulu *nomhlaba:*

64 UMelkisedeki, iNkosi yaseSalema, futhi wazimela Yena uqobo phakathi kwamanye amakhosi. Futhi qaphelani, impi yayisiphelile, uMoya kaNkulunkulu kuAbrahama, kaKristu, owayebuyise umzalwane wakhe owile, khona–ke wambuyisela esimweni sakhe esifanele, kukho konke ayelahlekelwe yikho. Wayekubuyisile. Futhi ngenkathi ekwenza, Wakhipha isinkwa newayini, isidlo. Awuboni ukuthi wayengubani lowo Melkisedeki na? KwakunguNkulunkulu. Wakhipha isidlo, emva kwempi.

65 Manje asiphenye futhi, kuMathewu 26:26, masinyane impela, futhi sibone ukuthi uJesu wathini lapha ngalokho. ENcwadini kaMathewu, isahluko 26 kanti futhi nevesi 26, sifuna ukufunda kancanyana nje lapha. Kulungile, Mathewu 26:26.

> *Khona uJesu wafika nabo endaweni ethiwa* iGolgotha—iGolgotha . . . noma *iGetsemane,* ngiqonde, *futhi wathi kubafundi bakhe, Hlalani lapha ngisaya* laphaya ukuyokhuleka.

66 Ngiyakholwa nginomBhalo okungesiwo. UMathewu, amashumi amabili–. . . ivesi 26 lesahluko 26. Uma omunye enawo, ngifundeleni, uma ni—uma ningawuthola. Umzuzu nje. Lona ngumfanekiso omuhle lapha. Angifuni nikugeje. Nakhu lasikhona. Yikho, dadewethu.

> *Besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, . . .*

Kwakuyini na? Impi yayisiphelile.

> *. . . wasihlephula, wanika abafundi* bakhe*, wathi, Thabathani,* futhi *nidle, lokhu kungumzimba wami.*

67 Niyambona lowo Melkisedeki na? Amakhulu eminyaka ngaphambili, ngenkathi Ehlangana noAbrahama, emva kokuphela kwempi, Wanikeza isinkwa newayini. Futhi lapha uJesu unika abafundi, emva kokwedlula kwempi yaKhe enzima, Wabanika isinkwa newayini. Bhekisisani. Bhekisisani ukuFika kwesikhathi esizayo.

> *Wayesethabatha isitsha, wa—wabonga, wabanika, wathi, Phuzani nonke kuso;*

*Ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano esisha elithululwa ngenxa*. . . zono no*kuthethelelwa kwezono.*

*Kepha ngithi kini, kusukela manje angisayikuphuza esi thelo somvini, kuze kufike lolosuku engiyakusiphuza ngalo kabusha nani embusweni kaBaba.*

68 Sisempini manje. Sisemva komfowethu owile, ukuthi uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wambona futhi wamisela ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Futhi izinto zezwe zimbambile esivunguvungwini. Ungaphandle ezinhlanganweni namaklasi, yena nomkakhe, ehambe ehla enyuka ngemigwaqo, ebhema futhi ephuza futhi bexokozela, bezama ukuthola ukuthula. Futhi uMoya kaKristu ukithi, njengoba ubungaba kuAbrahama, sihambe emva kwakhe. Nazo zonke izikhali zikaNkulunkulu, iziNgelosi zikaNkulunkulu zinkanisile, sihambile ukuyobuyisa umzalwane wethu owile.

69 Futhi uma impi ekugcineni isiphelile, sizohlangana noMelkisedeki futhi, uNkulunkulu abusise, owabusisa uAbrahama lapho, futhi wamnika isibusiso, futhi umnika isinkwa newayini, isidlo. Futhi uma impi isidlulile, siyohlangana naYe. Thina esiyizindlalifa zesithembiso sikaAbrahama, izindlalifa ezihlangene noKristu eMbusweni, siyohlangana naYe ekupheleni komgwaqo, futhi sithathe isinkwa newayini, futhi, uma impi isidlulile.

70 Ubani loMelkisedeki na? "Lowo owayengenayise, owayengenanina, owayengenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila." Uyoba Lapho ukunikeza isidlo futhi. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

71 Uma sikhuphuka, ngobusuku obuthize, uma sibuthana ndawonye futhi sithathe isidlo ezandleni zabefundisi, sikhombisa ukuthi siyakholelwa ekufeni, ukumbelwa, nokuvuka kweNkosi uJesu, leyo—leyoveyili, umzimba waKhe Ayefakwe kuwo, uNkulunkulu. Siyawuthatha, njengofanekisayo, "Sifile ezintweni zezwe, futhi sazalwa kabusha ngoMoya." Futhi sihamba noMzimba kaKristu, onke amakholwa ndawonye.

72 Uma impi enkulu isiphelile, futhi siyenyuka futhi noKristu, siyothatha isidlo naYe eMbusweni kaNkulunkulu, kabusha; futhi sidle inyama, futhi siphuze igazi lamagreypsi futhi, eMbusweni kaNkulunkulu. O! Nango uMelkisedeki. Wayeyilowo.

73 Manje asifunde siqhubeke kancane ngaYe lapha, futhi ivesi 18.

*UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini:*. . . (Niyakuthola na?) . . . *wayengumpristi kaNkulunkulu ophezu konke.*

> *Wambusisa, wathi, U*Abrahama *makabusiswe nguNkulunkulu ophezukonke, umdali wa*mazulu *nomhlaba:*
>
> *Wambusisa, . . . Wabusisa . . .*
>
> *Makabongwe uNkulunkulu ophezukonke, onike izitha zakho esandleni sakho. Wamnika okweshumi kwakho konke.*

Wakhokha izishumi kuMelkisedeki. UAbrahama uMnika okweshumi kwempango.

74 Manje ngifuna niqaphele lapha njengoba uPawulu eqhubeka, enikeza isendlalelo sesifundo esizayo manje.

> *Inkosi yaseSodoma yathi ku*Abrahama*, Ngiphe abantu uzithathele* wena *impahla.*

Manje, inkosi yaseSodoma yathi, "Manje, ngibuyisele nje izikhonzi zami, futhi uzithathele impahla."

> *Kepha u*Abrahama *wathi enkosini yaseSodoma, Ng*iphakamise *isandla sami eNKOSINI, uNkulunkulu ophezukonke, . . .*
>
> *UEl Elyon,* "umdali wamazulu nomhlaba," lapho.
>
> *. . . uNkulunkulu ophezukonke, umdali wa*mazulu *nomhlaba,*
>
> *Ngithi angiyikuthatha umucwana nomchilo wezicathulo, . . .*

Wayengenawo umkhankaso omkhulu ukuthatha imali. Kuphela wayefuna umzalwane wakhe owile.

> *. . . angiyikuthabatha nakunye kwakho ukuba ungasho ukuthi, Ngimcebisile u* Abrahama:
>
> *Kuphela lokho ezikudlile izinceku, nesabelo samadoda ayehamba nami, . . .*

75 Manje, ngifuna niqaphele, uAbrahama wathi, "Angiyikuthatha umcwana nomchilo wezicathulo." Akayilwanga impi, ukwenza imali eninginingi. Futhi izimpi zeqiniso ngempela azenziwa ngezinjongo zobugovu. Izimpi azilwelwa imali. Izimpi zilwelwa i—izinjongo, imigomo. Amadoda alwa izimpi zemigomo. Futhi ngenkathi uAbrahama ephume ukuyolanda uLoti, akaphumanga ngoba wayazi ukuthi wayengabhaxabula amakhosi futhi athathe impahla yonke yawo, waphumela umgomo woku "sindisa umzalwane wakhe."

76 Futhi noma yimuphi umfundisi othunywe phansi kokuphefumulela kweNkosi yaseZulwini, akayikuphumela imali, kanjalo akayikuphumela ukwenza amabandla amakhulu, akayikuphumela ukuphefumulela amahlelo. Uyela kuphela umgomo owodwa, futhi lokho ngukuthi, "Ukubuyisa umzalwane wakhe owile." Noma ngabe uthola usheleni emnikelweni kumbe

noma ngabe akawutholi, akuyikwenza nomncinyane umehluko kuye.

77 Njengoba ngisho, "Izimpi zangempela zilwela futhi zihlaselela imigomo futhi hhayi imali." Futhi abesilisa nabesifazane abajoyina ibandla futhi bangena ebandleni, ukuba babengabadumile, ngoba o *Joneses* basonta lapho, noma bashintsha ibandla labo ukusuka ebandleni elincane kuya kwelikhulu ibandla, ukwenzela injongo yobugovu futhi umgomo oyiwo awukho emva kwayo. Ubufanele uvume ukuma ekhaleni lempi.

78 Kulelitabernakele lapha, uma izinto zihamba kabi, futhi nina besilisa nani besifazane niyogijima futhi niye ngale kwenye indawo, noma ulungiselele kuze kuthi ukuqophisana okuncane noma ukukhathazeka kwedlule, kukhona okuyiphutha esehlakalweni sakho. Kunjalo.

79 Sinesiko lapha. Sine—nenqubo lapha. Lelibandla lesekelwe phezu kwemigomo yeBhayibheli. Uma kukhona umuntu othize phakathi lapha ongenzi kahle, futhi ucabanga ukuthi abenzi kahle, yana kuye futhi ukhulume naye. Uma ungenakumbuyisa, khona–ke thatha omunye umfowenu kanye nawe, oyedwa noma ababili ngaphezulu. Uma engenakubuyisana khona–ke, khona–ke kuxoxe ebandleni. Futhi ibandla lizomxosha, ungabi nanhlanganyelo naye. Futhi uJesu wathi, "Enikukhulula emhlabeni, Ngiyokukhulula eZulwini."

80 Yingaleso sizathu ninezinkathazo eziningi kangaka, yingoba aniyilandeli imigomo yeBhayibheli. Uma umuntu othize ebandleni ebangela ukuphazamiseka, noma okuthize kuhamba ngokungeyikho, akusiwo umsebenzi wakho ukuhamba ukhulume ngalowo wesilisa noma lowo wesifazane. Kungumsebenzi wakho ukuya kulowo wesilisa noma wesifazane, futhi umtshele iphutha lakhe. Futhi uma engenakukuzwa, thatha abanye kanye nawe. Engenakukuzwa lokho, khona-ke ibandla liyamkhulula. UJesu wathi, "Okukhulula emhlabeni, Ngiyokukhulula eZulwini. Okubopha emhlabeni, Ngiyokubopha eZulwini." Lawo amandla ebandla.

81 Lapha esikhathini esingeside esedlule, umshumayeli okahle ongumngani wami, waye nomfana, futhi lowo mfana wayekade eya esontweni, isonto lakubo uqobo. Wafika endaweni lapho aqala ukugijima ezungeza nentombazane encane eyayibhema futhi iphuza futhi iqhubeka. Umshumayeli wathi, "Kusobala, lowo umsebenzi wakhe." Umngane wami omkhulu wesifuba, futhi umfana omuhle. Kodwa wathola konke ukuthonywa ngowesifazane othize omncane; futhi wayekade eganile, enabantwana abathize, umyeni wakhe wayephila. Wayesaba owesilisa babezoba no . . . lowo mfana waye zomshada. Ngakho, umfowethu wayedabukile ephelile. Futhi wathi kimi,

"Mfowethu Branham, ngifuna uye kulomfana *othize thize* wami. Ngifuna ukhulume naye."

82 Ngathi, "Mfowethu . . ." Ngacishe ngalibiza igama lakhe. "Unendlela engcono. Ungangithumi. Uma umfana engaphili, futhi ibandla limbonile enza okuyiphutha, khona–ke into yebandla ukwenza lomsebenzi. Lokho kusele nebandla. Futhi ibandla liyedlula futhi limtshele."

83 Ngakho wathatha umfowethu, futhi waya ngale futhi wamtshela. Futhi wabuyela kumfowethu, wamazisa ukuthi wayebhekene nodaba lwakhe uqobo, ukuba yena enze okufanayo. Wathatha omunye umfowethu, abanye ababili, amadikoni amabili aya ngale futhi amtshela umfana. Akakulalelanga. Bakutshela ibandla. Futhi akafiki nhlobo ubusuku obuningana, ukuba abuyiselwe ebandleni emva kokuba isono sakhe sishiwo ngaphambi kwebandla. Khona–ke, ibandla lamkhulula.

84 Futhi cishe inyanga kusuka lapho–ke waphathwa yinyumoniya, futhi udokotela wathi, "Akukho thuba ezweni lokuba aphile." Khona–ke wagaqa wabuyela emuva. UNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwa kanjani.

85 Sizama ukukwenza kithi uqobo, "O, ufanele ukhahlele *usibanibani* aphume ebandleni. Ufanele wenze *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Niyenzile ingxenye yenu njengebandla mayelana nakho na? Nakho la ukhona. Yingaleyondlela ukubenza bagaqe babuye emuva, banikele ngale kuDeveli kanye.

86 Wayengathini uPawulu ngalendoda ezansi lapho eyayihlala nomama wayo ongayizali na? Babengenakumbuyisa. Wathi, "Mnikeleni kuDeveli." Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Futhi encwadini elandelayo uPawulu waloba, lendoda yaqondiswa. Impela. UNkulunkulu unendlela yokwenza lezizinto, uma nje sizolandela imithetho yaKhe.

87 Uma into ethize ihamba ngokungesikho ebandleni, uma iphakathi kwebandla, ngamunye wenu bafowethu. Uma ebhodini yabadikoni, omunye wenu badikoni engaziphathi, amanye amadikoni ayafika futhi abe nomhlangano, ukuzama ukubuyisa umfowethu, emtshela akwenzayo; noma omunye wenu malunga, noma ngabe ungubani. Khona–ke kufanele kulethwe phambi kwakhe. Uma engenakukwenza, khona–ke woza utshele umelusi. Khona–ke, uyakhululwa ebandleni, futhi–ke makabe njengowezizwe nomthelisi. Khona–ke bhekisisa iNkosi ihamba iyomsebenza. Niyabo, lokho kungenkathi ebuyela kuye uqobo. Kungenkathi ehamba egaqa angene. Kodwa sizama ukuzenzela thina, niyazi, ukuzama ukwenza i . . . yonke into ngendlela esifanele siyenze ngayo, manje, asiphumeleli nhlobo.

88 Manje, loMelkisedeki, iNkosi yaseSalema, iNkosana, umPristi woPhezukonke, wahlangana noAbrahama futhi

wambusisa. Futhi waMnika izishumi zakhe, uAbrahama wakwenza. Futhi WayeyiNkosi yaseSalema. Futhi Wakhipha isinkwa newayini, isidlo, futhi wasinika uAbrahama emva kwempi, emva kokuba abantu sebehluliwe.

89 Manje, “Zonke izimpi,” njengoba ngisho, “zilwelwa imigomo.” Manje, uma unempi encane ebandleni, kufanele kube umgomo oyiwo. Nifanele lilwele into elungile. Futhi ilunga ngalinye lebandla lifanele likwenze lokho. Manje, lokhu kufundisa okwebandla. Yilokho esikukhonela lapha. Yilokho engikumele lapha. Lingelalokho iZwi likaNkulunkulu, elebandla.

90 Ungavumeli lutho luvimbele lelibandla. Uma likwenza, unecala, ngamunye wenu. Futhi nina, emabandleni enu ehlukene, uma okuthize kuhamba ngokungeyikho ebandleni lakho, unecala, ngoba ungumbonisi walelobandla. Akukho kumelusi. Akukho kwibhodi yabadikoni. Kukuwe, wena ngamunye, ukuya kulowo mfowethu futhi ukubona uma engabuyisana. Uma kungenjalo, khona–ke thatha ababili noma abathathu kanye nawe, bese–ke uyabuya. Engenakukuzwa lokho; kusho ebandleni. Khona–ke usekhishiwe eMbusweni kaNkulunkulu, uNkulunkulu wathi, “Uma nimkhipha lapho, Ngiyomkhipha Lapha, uma uhambe ngalenqubo.” Khona–ke Uyophendulela uDeveli kuye enzele ukwakhiwa . . . ukubhujiswa kwenyama yakhe. Futhi–ke uzobuyela emuva. Kunjalo. Yileyo ndlela yokumenza abuye. Uma engumntwana kaNkulunkulu, uzobuya. Uma engesuye, ngani—ngani, uzoqhubeka, futhi–ke uDeveli uzomthumelela endaweni yakhe yaPhakade.

91 Manje, izinjongo zakho. Uma nje ukufakela omunye umuntu, khona–ke lokho ukwehluka. Kodwa, uma indoda inecala! Futhi uLoti wayehlile futhi wahlubuka, noma wayengumHeberu. Wayehlile futhi wahlubuka. Wayesemseni, kodwa wayewile kuwo. Futhi ngenkathi ephumile . . . futhi uLoti—Loti wasindiswa. Ungalokothi ucabange ukuthi uLoti wayengasindisiwe. Ngoba wayesindisiwe. Ngoba, sonke isikhathi uma wayesendaweni engalungile, iBhayibheli lathi, ukuthi, “Izono zaseSodoma zezwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo nsuku zonke.” Manje, inyama yakhe yayenza into eyodwa. Futhi kwakuyini isiphetho sakhe na? Waletha ihlazo eliningi. Umkakhe waphenduka insika kasawoti. Waba nabantwana ngamadodakazi akhe. Ngakho, ningabona ukuthi kwaletha ihlazo elinjalo, ngoba wayewile emseni futhi akazange nhlobo azibuyisele abuye futhi. Futhi uNkulunkulu wayefanele amsuse emhlabeni.

92 Kodwa, noma kunjalo, wayengumfowethu owile, futhi uAbrahama wenze konke abengakwenza ukumbuyisa futhi. Futhi uMoya wawukuAbrahama, uMoya kaKristu osebandleni namhlanje. Akunandaba ukuthi umfowethu wenzeni, uyokwenza konke ongakwenza ukumbuyisa enhlanganyelweni

kaKristu futhi. Akunandaba ukuthi wenzeni, uyozama kanzima.

93 Manje, sifuna ukuqaphela lapha manje futhi, njengoba siqhubeka nalesisifundo sikalo Melkisedeki, lomPristi omkhulu waseSalema, umdali wamaZulu nomhlaba. Manje, engowokuqala:

> *Engenayise, engenanina, engenaluzalo, engenakuqala kwezinsuku nakuphela kokuphila, kepha efaniswe neNdodana kaNkulunkulu; uhlala engumpristi njalonjalo.*

Manje bhekisisani. Wayengesiyo iNdodana kaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu weNdodana. Wayengesiyo iNdodana kaNkulunkulu, uMelkisedeki wayengesiyo, kodwa WayenguBaba weNdodana kaNkulunkulu.

94 Manje, lomzimba Ayenawo, Wayewudalile. Wawungalethwanga ngowesifazane. Ngakho ngalowomzimba odaliwe, Ubengeke . . . Omunye umzimba Awenzile, Yena qobo, ukuzembula Yena qobo.

"Akukho muntu ongabona uNkulunkulu noma nini. UNkulunkulu ungumoya." Amehlo asazofa aliziboni lezozinto, ngaphandle uma kusesimweni seNsika yoMlilo, noma ngabe kwakuyini, noma esimweni sesidalwa esithize abasibone ngombono. Kodwa i . . . UNkulunkulu uzembule Yena qobo ngendlela ethize. Futhi uNkulunkulu wazembula Yena qobo kuAbrahama, esimweni somuntu. Wazembula Yena qobo kuMose, esimweni somuntu. Wazembula Yena qobo kubantwana bakwaIsrayeli, esimweni seNsika yoMlilo. Wazembula Yena qobo kuJohane umBhaphathizi, esimweni sejuba. Niyabo, Wazembula Yena qobo kulezozimo.

Ngenkathi Ezembula Yena qobo esimweni soMuntu, njengeNkosi yaseSalema; yaseJerusalema; hhayi yeJerusalema lasemhlabeni, kodwa iJerusalema laseZulwini. Wazembula Yena qobo kulesosimo. Wenziwa "wafaniswa" neNdodana kaNkulunkulu.

95 Manje, iNdodana kaNkulunkulu yafanele ukufika ngowesifazane, ukudalwa lapha; ngesizalo sowesifazane, ngoba ngaleyonto efanayo kufika ukufa.

96 Futhi Wayengefike ngokudaliweyo njengoba uNkulunkulu wakwenza ekuqaleni. Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu ekuqaleni, owesifazane wayengahlangene ngalutho ngakho. UNkulunkulu nje wathi, "Makube khona," futhi umuntu wavela othulini. Wambiza, ngaphandle kwanoma yimuphi owesifazane ukuba abe noma yini ngakho. Kodwa, owesifazane, kwakukowesilisa ngaleyonkathi.

97 Futhi uNkulunkulu wakhipha owesifazane ohlangothini lukaAdamu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Futhi–ke owesifazane wahamba futhi waletha umuntu ngocansi. Ngakho indlela kuphela uNkulunkulu abengenza . . . Wayengefike ngalowo mzimba–moya. Wayengefike njengoMelkisedeki. Wafanele afike njengomuntu, futhi wafanele afike ngowesifazane. "INzalo yakho iyakuchoboza ikhanda lenyoka, futhi ikhanda layo liyakuchoboza isithende saKho." Niyakuthola na? ["Amen."] UNkulunkulu wafanele afike ngowesifazane; futhi Wakwenza, ngenkathi Ehlala emzimbeni waKhe weNdodana yaKhe, uKristu Jesu. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Futhi Wanikela ngeGazi laKhe uQobo njengomhlatshelo. Futhi Wanikela ukuphila kwaKhe, ukuthi ngomgudu wokufa, Akusindise ekuPhileni okuPhakade.

98 Ngakho uNkulunkulu wafika–ke, futhi Wenziwa "ngokufaniswa" nendodana kaNkulunkulu. Niyabo? WayenguMuntu enziwe *njenge*ndodana kaNkulunkulu. Manje, Wayengeke abe iNdodana kaNkulunkulu, ngoba loMuntu uPhakade.

99 INdodana kaNkulunkulu yayinokuqala, Yayinesiphelo. Yayinesi—sikhathi sokuzalwa kwaYo, Yayinesikhathi sokufa kwaYo. Yayinakho kokubili ukuqala nokuphela. Yayinabo bobabili uyise nonina.

100 LoMuntu wayengenayise nanina, ukuqala noma ukuphela kwesikhathi. Kodwa Wenziwa, loMuntu, uMelkisedeki wenziwa *njenge* Ndodana kaNkulunkulu.

101 Manje, iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Yayifika ezweni, esimweni sowesifazane, ngowesifazane, esimweni sowesilisa; futhi yabulawa, yavuka futhi ngosuku lwesithathu, yavukela ukulungisiswa kwethu, manje Ihlala kuze kubephakade. Futhi inqobo nje uma lowomzimba uhlala, siyahlala nathi. Futhi ngoba yavuka emhlabathini, siyovuswa ekufaneni naYo. Nanso indaba yeVangeli. Malibongwe iGama leNkosi. Hhayi iziNgelosi, hhayi izidalwa ezingaphezu kwemvelo, hhayi isixuku sezimpaphe ukundizandiza, kodwa abesilisa nabesifazane, amen, bame ekufaneni naYo. Yebo, mnumzane.

102 Njengoba bengilokhu ngikuxoxa lokhu, ngiyakusho futhi lapha ngalesisikhathi. Kubonakala kufanele. Ngangikama, cishe lezizinwele ezinhlanu noma eziyisithupha engisele nazo. Futhi umkami wathi, "Billy, usunempandla."

103 Ngathi, "Kodwa angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo."

104 Wathi, "Ziphi na?"

105 Ngathi, "Ngitshele zazikuphi ngaphambi kokuba ngibe nazo, ngizokutshela ukuthi zingilinde kuphi." Kunjalo.

106 Ngangivamise ukuba njenge—ngesilwi, umshayi–sibhakela. Ngangiqinile futhi ngimkhulu. Futhi ngezwa, uma

wawungabeka lelibandla emhlane wami, ngangingehla ngomgwaqo nalo. Ngizokutshela, uma ngivuka njalo ekuseni manje, ngiyaqonda kukhona amashumi amane nento eminyaka edlule. Niyabo? Angisikho lokho engangivamise ukuba yikho. Ngiyehluleka, nsuku zonke. Njengoba ngibuka izandla zami futhi ngicabange, "Bukani lapha. Awu, ngithola indoda endala." Ngibuka amahlombe ami. Ngiyabona ngizuze isisindo esiningi ningi. Ngangivamise ukufaka ibhande elingamashumi amabili nesishiyagalombili. Ngifaka elingamashumi amathathu manje. Niyabo, sengimdala, amafutha, sengiyancipha.

107 Kuyini na? Ngidla into efanayo engangivamise ukuyidla. Ngihlala ngokuhlanzeka kakhudlwana futhi kangcono kunanoma ngangivamise ukuhlala, into efanayo. Kodwa uNkulunkulu ungikhethele isikhathi, futhi ngifanele ngikwemukele. Kodwa umcabango obusisiwe ungukuthi, ukuthi, ngalolosuku, Uyongivusa futhi. Futhi yonke into engangiyiyo ngenkathi ngiseneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ubudala, ngiyoba njalo futhi kuze kubephakade. Amen. Nakho la ukhona. Ungikhathaza ngani unyaka wobudala na? Ngiyomshaya uDeveli ophuma kulokho iminyaka ngeminyaka, ngazi lokhu, ukuthi ngiyaMkholwa. Lobubude bempilo obuncane nje obuncane, into emfishane, noma kanjani. Uma kuphela sihlale iminyaka engamashumi ayisikhombisa, iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, isikhathi sethu esithenjisiwe, kuyini—kuyini lokho kodwa usizi nokudabuka na? Kuyini na? Ubungayishintshanisa lendlu yezinkathazo ngaleyonto ekhazimulayo yangaleya na?

108 Ngani, malibongwe iGama leNkosi! Okuthize okungaphakathi kwami kwahlangana nalowo Melkisedeki ngelinye ilanga, futhi Wakhuluma ukuthula kimi futhi Ungipha ukuPhila okuPhakade. Futhi lempilo ayisho lutho kodwa itabernakele lokushumayela iVangeli ngalo. Ngisho lokhu ngabo bonke ubuqotho, ngalamaBhayibheli amabili ebekwe evuliwe phambi kwami. Uma uNkulunkulu wami wayeseqedile ngami ngishumayela iVangeli, futhi bengingeke ngisaMenzela lutho, abantwana bami sebekhule ngokwanele ukuba bazinakekele, futhi ufuna ukungithatha khona manje, "Amen," lokho kuqeda konke. Yebo, mnumzane.

109 Kwenza mehluko muni uma nginamashumi ayisishiyagalombili noma uma nginamashumi amabili na? Ngikhonela lapha into eyodwa: ukukhonza iNkosi. Yilokho kuphela. Uma ngisengashumayela iVangeli njengoba ngenza manje, uma nginamashumi ayisishiyagalombili, kwenza mehluko muni noma ngabe nginamashumi amane noma amashumi ayisishiyagalombili na? Kukhona indoda amaningi aneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala kulobubusuku. Futhi kunenqwaba yabantwana ezofa, ngenkathi indoda eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala

iyophila yedlule abaningi omunye wabo. Kwenza mehluko muni na? Izinjongo zakho, imigomo yakho, futhi silapha ukukhonza iNkosi uJesu. Yilokho kuphela.

110 Ngazi lokhu, ukuthi, "Lokhu kuphila ngumhwamuko umuntu akhuluma ngawo; owake wabakhona, futhi–ke akusekho." Kodwa uma sinokuPhila okuPhakade, uNkulunkulu uthembisile Uyosivusa futhi. Futhi siyodla isidlo naYe uma izinsuku seziphelile, futhi uma Ethi, "Ngenani ezinjabulweni zeNkosi, ezilungiselelwe nina selokhu kwasekelwa izwe."

111 Khona-ke kwenza mehluko muni lapha, noma sinanoma yini noma ngabe asinalutho na? Noma ngabe sibasha noma kumbe sibadala, kwenza mehluko muni na? Into esemqoka, usukulungele ukuhlangana naYe na? UyaMthanda na? UngaMkhonza na? Uzidayisile izinto zezwe na? Uhlanganile noMelkisedeki selokhu impi iphelile na?

112 UNkulunkulu abusise! Cishe eminyakeni engamashumi amabili–nanye ubudala, ngangi, futhi ngelinye ilanga nganginempi na *lokhu*, *lokho,* futhi *nokunye*. Ngangingaqondi noma ngifune ukuba isilwi, kumbe noma ngabe ngangifuna ukuba umcuphi, noma umzingeli, engifuna ukuba yikho. Kodwa ngihlangane noMelkisedeki, futhi Unginika isidlo, futhi kusukela lapho-ke kwaxazulula phakade. Haleluya! Ngihambile ohlangothini lwaKhe. Bengithokoza emgwaqeni. Futhi uma kufika ekupheleni komgwaqo, futhi ukufa kuyangigqolozela ebusweni; indlela engiyizwayo manje, angiyikushaywa uvalo. Ngiyahamba, ngifuna ukuhamba ebusweni bakho, ngazi lokhu, ukuthi ngiyaMazi owenze isithembiso, kunjalo, ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe. Uma Ebiza phakathi kwabafileyo, ngiyophuma phakathi kwabo. Kunjalo, ngiMazi emandleni okuvuka kwaKhe. Kwenza mehluko muni, noma ngabe ngimdala kumbe noma ngabe ngimusha na? Noma ngabe ngimncane kumbe noma ngabe ngimkhulu na? Noma ngabe ngisuthi kumbe noma ngabe ngilambile na? Noma ngabe nginendawo yokulala phansi kumbe noma ngabe anginayo na?

113 "Izinyoni inezidleke, futhi impungushe inomgodi, kodwa iNdodana yomuntu ayinandawo yokucamelisa ikhanda laYo," kodwa YayiyiNkosi yeNkazimulo.

114 Singamakhosi nabapristi kulobubusuku. Kwenza mehluko muni noma ngabe sinakho kumbe noma ngabe asinakho na? Inqobo nje uma sinoNkulunkulu, singaphezu kwabanqobi. Singaphezu kwabanqobi. Sihlezi eBukhoneni bukaNkulunkulu, enhlanganyelweni yoMoya oNgcwele, sithatha isidlo sokoMoya ezandleni zaKhe owafakazayo, "NgangiNguye owayefile, futhi ngiyaphila futhi, futhi Ngiyaphila kuze kubephakade." Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu uJesu. O malibongwe iGama laKhe elingcwele. Kwenza mehluko muni na?

Ithende noma indlwana, kungani ngifanele ngikhathazeke na?
Bakhela mina ihlala–nkosi phezulu Lapho!
Lamarubi nabadayimane, nesiliva negolide,
Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

115 Ngahlangana naYe ngelinye ilanga ngenkathi ngiqhamuka empini. Ngabeka imiklomelo yami phansi. Angikaze ngilwe impi kusukela lapho; Uyangilwela zona. Nje ngiphumule phezu kwesithembiso saKhe, ngazi lokhu, ukuthi ngiMazi emandleni okuvuka kwaKhe. Yilokho okusemqoka. Yini okunye okusemqoka na?

116 Singenzani na? "Kungani ningelekela obudeni benu ingalo ibenye ngokukhathazeka na? Kungani ukhathazeke noma ngabe izinwele zakho zisongekile, kumbe noma ngabe unazo noma ngabe awunazo na? Kwenza mehluko muni na? Uma umdala, uma umpunga, uma unamahlombe aqhothile, uma ungenawo, kwenza mehluko muni na? Amen. Lokhu nje kungokwesikhashana, indawo encane, kodwa Lokho okwaphakade naphakade. Futhi njengoba isikhathi seminyakanyaka engenakubalwa siqhubeka, njengoba iminyaka iqhubeka, awusoze waguquka, futhi uhambe wedlule eminyakeni yaKhe engasoze yaphela yaPhakade. Kwenza mehluko muni na?

117 Ngijabula kakhulu ngahlangana naYe. Ngiyajabula kakhulu Unginika isidlo, ngelinye ilanga, lowo Melkisedeki ofanayo owahlangana noAbrahama ephuma ekubulalaleni amakhosi. Impela. "UNkulunkulu waseZulwini," u*El Elyon*; omkhulu u "NGINGUYE," hhayi uNganginguye; uNGINGUYE, inkathi yamanje. "Futhi Wambusisa."

118 Lalelani lapha nje kancane ngokuqhubekayo, ukuze sithole isifundo ngokusondela kancanyana ndawonye. Manje ivesi 4.

*Qondani–ke ukuthi ungakanani yena, . . .*

Nje ngicabanga ukuthi, futhi. "Qondani ukuthi wayemkhulu kangakanani lomuntu." Ungaphambili–le kweNdodana kaNkulunkulu. INdodana kaNkulunkulu yayinoyise nonina; Wayengenayo. INdodana kaNkulunkulu yayinokuqala kwesikhathi nokuphela kwesikhathi; Wayengenakho. Kwakungubani lowo na? Lowo kwakunguYise weNdodana. WayeyiLowo–ke.

*Qondani ukuthi ungakanani, yena, owanikwa okweshumi kwakho* konke *kwempango nguAbrahama ukhokho.*

119 Manje lalelisisani.

*Nalabo bamadodana kaLevi, abamukeliswa ubupristi, banomyalo wokuthatha* izishumi *kubantu*

*ngokomthetho, okungukuthi, kubafowabo, ingani ba*phume *okhalweni lukaAbrahama:*

120 Manje bhekisisani lokhu uma nifuna ukubona okuthize.

*Kepha yena ongaq*hubeki *ozalweni e. . .lwabo wemukela okweshumi, kuAbrahama, wambusisa lowo one* sithembiso.

121 UAbrahama wayenesithembiso, futhi loMuntu wambusisa uAbrahama owayenesithembiso. Kwakungubani lona na? Amadodana kaLevi akhokha okwezishumi kubazalwane babo noma. . .Abazalwane babo bakhokha okwezishumi kubo. Babenomyalo weNkosi ukuthatha okweshumi kwalokho abafowabo abakwenzile, okokuziphilisa kwabo, ngoba babengubupristi. Manje, lokho kuvulela ubupristi bukaMelkisedeki, njengoba ukhuluma ngakho, khona lapho. Kunjalo. Kodwa lo Muntu. . .Ngisho lowo owayenesithembiso, umuntu omkhulu kunabobonke emhlabeni, uAbrahama, wahlangana naloMuntu futhi wakhokha okwezishumi kuYe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Wayefanele abemkhulu kakhulu.

122 Lalelani.

*Kepha akunakuphikiswa ukuthi omncinyane ubusiswa ngomkhulu.*

Impela. Bhekisisani ukuthi UnguBani.

*Lapha abantu abafayo bamukeliswa okweshumi;. . .*

Lobo ngubupristi ngokuma kwabapristi nabashumayeli, nokunye nokunye. Abantu abamukela okweshumi, bayafa. Niyabo?

*. . .kepha* lapha *wakuthabatha yena, okuqiniswa ngaye ukuthi ukhona.*

123 Umuntu ubeyokuthathelani okwezishumi, uma ube noma yini. . .Uma ubengazalwanga nhlobo, futhi engayikufa nhlobo, futhi wayekhona kusukela ekuqaleni kuya ekupheleni, futhi—futhi engazange abenoyise noma nonina noma uzalo, futhi amaZulu onke engawakhe nomhlaba nakho konke okukhona, kungani athatha okweshumi na? Kungani acela uAbrahama ukukhokha izishumi na? Niyabona ukuthi kuyinto eqine kanjani ukukhokha izishumi na? Okweshumi kufanele. Wonke umKristu ubophezekile ukukhokha okweshumi. Kunjalo. Akukaze kushintshe.

124 Manje:

*Futhi ngingasho ukuthi, noLevi, owemukela okweshumi, wathela okweshumi ngaye uAbrahama.*

125 Manje, o, nakhu okuthize.

*Ngokuba wayesesokhalweni lukayise mzukwana uMelkisedeki emhlangabeza.*

126 Ini, uLevi na? UAbrahama wayengukhokho kakhokho kaLevi. Futhi iBhayibheli lasho lapha, ukuthi, "ULevi wakhokha izishumi ngenkathi esesokhalweni luka Abrahama." Izizukulwane ezine ngaphambi kokuba aze afike emhlabeni, wayekhokha izishumi kuMelkisedeki. Malibongwe iGama leNkosi!

127 Khona–ke, wena ongakholelwa ekumiselweni ngaphambili ngaphambi kokugcotshwa; futhi lapha, izizukulwane ezine ngaphambi kokuba uLevi aze aphume okhalweni luka Abrahama, wayekhokha izishumi kuMelkideseki. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi ukugijimisa lokhu emBhalweni.

128 Uma uzokuthatha ngale njengoJeremiya 1:4, uNkulunkulu wathi, "Ngakwazi ungakabunjwa esizalweni zikanyoko. Futhi ngakungcwelisa futhi ngakugcoba umprofethi wezizwe." Khona–ke yini ongayisho oyenzile na? Yini engingayisho engayenza na? NguNkulunkulu okhombisa umusa. UNkulunkulu wasazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

129 Yena engathandi ukuthi kubhubhe namunye. Impela qha. Kodwa uma EnguNkulunkulu, Wayazi ukuthi ubani oyosindiswa futhi ubani ongayikusindiswa, noma Wayengazi lutho. Uma Wayengazi . . . Uma wayengazi ukuthi ubani oyoHlwithwa, ngaphambi kokuba izwe libunjwe, khona–ke Akasuye uNkulunkulu. Uma Engenasiphelo, Uyo . . . Wayazi lonke izeze, yonke impukane, yonke intwala, yonke inhlava, okuyoke kube semhlabeni, ngaphambi kokuba umhlaba ubunjwe. Kunjalo. Wayazi zonke izinto. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wayesazi. IBhayibheli lasho, ukuthi, "Wayesazi futhi wasimisela ngaphambili."

130 Ake sixazulule lokhu nje kanye. Asibuyele emuva kwabaseEfesu, isahluko 1. I 5 chap– . . . Isahluko 1 kwabaseEfesu, umzuzu nje. Ngifuna ukufunda lapha umzuzu nje, ukuze nizoqonda ngempela ukuthi akusiyo nje into ethize engizama ukunitshela. Kuyinto ethize uNkulunkulu azama ukunitshela. Niyabo? Manje lalelani lokhu, ngokusondele kakhulu, isahluko 1 kwabaseEfesu.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, . . .*

Umuntu ofanayo obhale incwadi yamaHeberu, ubhala lencwadi.

> *. . . kubo abangcwele . . .*

Lokhu akusikho okwabangakholwa, kodwa abangcwele, aba sancti– . . . abangcwelisiwe.

> *. . . abaseEfesu, nakubo abakholwayo kuKristu uJesu:*
>
> *Makube kinina umusa, nokuthula, okuvela kuNkululnkulu uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu.*

*Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile ezulwini ngezibusiso zonke zikamoya ezindaweni zasezulwini . . .*

"Njengalokhu nje E . . . " Manje, lalelisisani manje, ivesi 4.

*Njengalokhu asikhethela kuye ngaphambi kokusekelwa kwezwe, . . .*

Ubani lo "thina" lapho na? Ibandla.

*. . . wasikhetha kuye* (Kristu) *ngaphambi kokusekelwa,* umhlaba*, ukubasibe-ngcwele singabi nakusolwa phambi kwakhe ekuthandeni:*

*Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe,*

131 Ubani okwenzile na? UNkulunkulu wakwenza. UNkulunkulu wazi kusukela ekuqaleni ukuthi ubani oyosindiswa futhi ubani ongayikusindiswa. Impela. Wayengathandi ukuthi kubhubhe namunye. Kodwa Akamthumanga uJesu lapha nje ukubona uma uyo—uyokwenza kanjalo, "Awu, uJesu ompofu, ngiyaMdabukela. Mhlawumbe kungcono ngisindiswe futhi ngikufakazise." Qhabo, mnumzane.

132 UNkulunkulu wazi ekuqaleni ukuthi ubani oyosindiswa futhi ubani ongeke. Ngakho, ngakho–ke, Wayazi ukuthi abanye bayosindiswa, ngakho Wathuma uJesu ukwenza inhlawulo kulabo Abazi ngaphambili. "Ngokuba labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile. Futhi labo Ababizile, Ubalungisisile. Futhi labo Abalungisisile, Uba (inkathi edlule) khazimulisile." Nakho la okhona.

133 Ngakho akusuwe ozigcinayo, umusa kaNkulunkulu okugcinayo. Awuzisindisanga wena, noma akukho lutho olwenzile okufanele ukusindiswa. Umusa kaNkulunkulu okusindisile. Umusa kaNkulunkulu ukubizile. Ukwazi phambili kukaNkulunkulu kukwazile wena. Wayazi ukuthi uyoba kulelibandla kulobubusuku, ngaphambi kokusekelwa kwezwe kuze kubekwe, uma Engenakuphela. Uma Engenjalo, Akasuye uNkulunkulu. Uma Azile zonke izinto, WayenguNkulunkulu. Uma Engazazanga zonke izinto, Wayengesuye uNkulunkulu. Uma EnguNkulunkulu uMninimandla, Angenza zonke izinto. Uma Engenakwenza zonke izinto, Akasuye uNkulunkulu uMninimandla. Nakho la okhona.

134 Ngakho ungasho kanjani ukuthi kungokuthize obungakwenza na? Akulutho ongalwenza. Uthando lukaNkulunkulu futhi umusa kini, ukuthi nilapha ngisho. Akulutho obungalwenza, uNkulunkulu ukubizile ngomusa waKhe; walalela, wezwa, wemukela.

135 "Awu," wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho kukwenza kuxege kabi kabi." Impela kuyakwenza. Ukhululekile. "Awu,

lowo mfo engenza noma yini afuna ukuyenza." Ngokoqobo. Ngenza njalo lokho engifuna ukukwenza. Kodwa uma ungumKristu, awufuni ukwenza okungalungile.

136 Kukhona intombazane encane endala ehlezi emuva lapho kulobubusuku, umkami. Ngiyayithanda ngakho konke okukimi. Futhi uma ngazile ukuthi bengingagijima ngizungeze nomunye wesifazane futhi ngizedlulele nakho, futhi ngihambe ngimtshele, futhi ngithi, "Meda, ngenze okungalungile," uyacabanga ukuthi bengingakwenza na? Uma ngimthanda kahle, ngeke ngikwenze. Kunjalo.

137 Manje, ukuba–ke bengizothi, "O, ngeke ngikwenze. Isizathu, ngizonitshela ukuthi kungani. Uzongehlukanisa, futhi ngine . . . O, ngingumshumayeli. Niyabo ukuthi yini lokho okuyokwenza na? Bayongikhipha epulpiti, uma engehlukanisa. 'Indoda ehlukanisile, o!' Nginabantwana abathathu; bengingeke ngicabange ngalokho. Kodwa, mfana, ngi . . ."? Awu, uma kuyindlela okuyiyo, usalokhu usemthethweni. Akusizo izisekelo esisemthethweni engamshada phezu kwazo. Akusizo izisekelo esisemthethweni esingenza ngiphile ngokuyiqiniso kuye. Kungoba ngiyamthanda. Angidinge kwenza noma yini. Ngikwenza ngokuzithandela ngoba kuyindaba yothando. Futhi uma umthanda umkakho, uyokwenza into efanayo.

138 Futhi uma uthanda umkakho kanjalo, ngothando *iphileo,* ufanele ukwenzani ngoKristu ngothando i *agaphe,* oluqine ngokuphindwe kasigidi, uma umthanda ngempela uNkulunkulu? Uma bengazile kulobubusuku bengingaphuma futhi ngidakwe, uma bengazile, kulobubusuku bengingagijima ngizungeze futhi ngibe nonesimilo esibi, uma bengazile, kulobubusuku; uma lokho bekusenhliziyweni yami ngisho ukwenza kanjalo, futhi ngihambile futhi ngikwenzile, ngazi ukuthi Uyongixolela, ngeke ngikwenze. Ngicabanga kakhulu ngaYe. NgiyaMthanda. Qiniso. Impela.

139 Kungalesosizathu ngingeke ngiludayise ulwazi lwami lokuzibonela kunoma yiliphi ihlelo, (qhabo, mnumzane), hhayi i Assemblies of God, hhayi ichurch of God, hhayi iPilgrim Holiness, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika. Ngeke ngithathe noma yini obekunganikelwa, ngalolulwazi lokuzibonela. Ngoba, akufiki nhlobo ngomuntu. Kufika ngoNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Ngeke ngidayise ngobuzibulo bami nganoma yimuphi umculo wokuzibinyabinya kaElvis Presley, noma ngenqwaba yakhe yamaKatolika, noma amaKadilaki akhe, noma isigidi sakhe samadola, futhi okunye nokunye, ukuthola nyanga zonke. Qhabo, mnumzane. NgiyaMthanda. Futhi uma ngi . . . Inqobo nje uma ngiMthanda kanjalo, ngiyohlala ngokwethembeka kuYe. Futhi uma uNkulunkulu engibizile futhi wangikhetha, Ufake okuthize kimi, futhi ngiyaMthanda.

140 Ngikhumbula uMnu. Isler. Nonke niyamazi, iningi lenu nonke. Uphuma lapha, isigele sikahulumeni waseIndiana; ufika lapha, udlala isiginci sakhe. Ngenkathi ingane yami ifile, umkami efile, futhi bonke belele phezulu lapha emathuneni. Futhi ngangenyuka ngomgwaqo, nezandla zami emva kwami, ngikhala. Wagxuma waphuma kwelakhe elincane, ithrakhi endala, futhi ufika ubeka ingalo yakhe ngokuzungeza kimi, wathi, "Billy, ngifuna ukukubuza umbuzo." Wathi, "Ngikuzwile ushumayela uze impela ucishe uwele epulpiti. Ngikuzwile emakhoneni omgwaqo futhi yonke into, ukhalela uKristu." Wathi, "Manje Uthathe ubaba wakho. Uthathe umfowenu. Wabahlwitha bona bobabili, futhi bafele ezingalweni zakho. Lapho wafa. Umkakho ufile, ebambe izandla zakho. Futhi ingane yakho ifile, futhi uyaMbiza ukuba akusize. Futhi Uphendulele umhlane waKhe kuwe. Ucabangani ngaYe."

141 Ngathi, "NgiyaMthanda ngakho konke okungaphakathi kwami. Uma Engithumela esihogweni, ngiyolokhu ngiMthanda." Ulungile. Angikusho lokho; iminyaka engamashumi amabili nesithupha ikufakazisile. Kunjalo.

142 Uma uMthanda! Hhayi umsebenzi, ukuthi, "Ngeke ngikwenze *lokhu*, futhi ngeke ngikwenze *lokho*." UMthanda kakhulu ukukwenza, ngoba Ukukhethile. AwuMkhethanga neze wena. Ukukhethile.

143 Wena uthe, "Ngayifuna iNkosi, futhi ngayifuna iNkosi."

"Akukho muntu ofuna uNkulunkulu." NguNkulunkulu, ofuna umuntu. Ungahle ufune umusa kuYe, kodwa uNkulunkulu ufanele ashintshe imvelo yakho ngaphambi kokuba uze ngisho uMfune. Ngoba, uyisoni, uyingulube. Kunjalo.

144 Futhi abanye benu bantu abaya esontweni futhi nje baphile ngobulungu benu, baphume lapha futhi benze yonke into ezweni, futhi–ke basalokhu bebuyela emuva futhi bathi, "Ya, ngiyasonta." Awu iokho yizindlela ezinde ekubeni ngokaNkulunkulu. Impela. Angi . . . Kodwa, niyabo, abantu benza lokho, ungasho. O, bangamalunga amahle ebandla. Lelo iqiniso. Usengalokhu uyilunga lebandla futhi wenze lezozinto, kodwa ungeke ube ngumKristu futhi ukwenze.

145 Njengoba ngishilo, kulokhu ukusa, "Igwababa elidala, uma wake wabakhona umzenzisi, yigwababa." Kunjalo. Lona nejuba kuhlezi emkhunjini ofanayo, lihlezi othini olufanayo. Futhi igwababa elidala lalenelisekile ngenkathi lidedelwa, futhi laphuma eBandleni, ukuthi belingaphuma lapho futhi lihlale esidunjini esidala esisodwa futhi "klawu, klawu," futhi lidle *lokhu*, lidle ihhashi, futhi lidle inkomazi, futhi noma kwakuyini, lalenelisekile. Kodwa ngenkathi uNowa ededela ijuba, lalingethole ndawo yokuphumula yezintende zezinyawo zalo. Lalinelungelo kakhulu ukuhlala esilwaneni esifile njengoba kwenza igwababa nje, kodwa kwakuyizimvelo

ezimbili ezehlukene. Omunye wabo, laliyijuba, okokuqala. Laliyigwababa, okokuqala nje.

146 Kodwa, uma niqaphela, igwababa elidala lingahlala ngapha esidunjini sesilwane futhi lidle, ingxenye yosuku. Ijuba liyohlala ensimini kakolo futhi lidle, ingxenye yosuku. Futhi igwababa lingandiza liphumele lapho futhi lidle ukudla kwejuba, okukhulu njengalokhu elikufunayo. Belingadla nje kakhulu ukolo njengegwababa lingadla . . . noma njengoba ijuba lingadla. Kodwa lona, igwababa, lingadla ukudla kwejuba, kodwa ijuba ngeke lidle ukudla kwegwababa. Kunjalo.

147 Ngakho, umzenzisi omdala angafika ebandleni, futhi ajabule futhi amemeze futhi adumise iNkosi, futhi ahambe aqhubeke kanjalo, futhi ahambe abuyele emuva ngqo futhi ajabulele izinto zezwe. Kodwa umKristu ozelwe ngokusha angeke akwenze, ngoba uthando lukaNkulunkulu luyamphoqelela endaweni enjalo ngeke akwenze.

148 Ngakho uma nje ungumKristu ngokujoyina isonto, futhi ukuyeka ukwenza *lokhu* futhi *lokho*, futhi isifiso esifanayo sikuwe, udinga okunye ukucwilisa. Kunjalo impela.

149 Futhi nina besifazane eningagqoka zona ezincane . . . zezikhindi, futhi phandle lapha ngqo emgwaqeni, futhi–ke uzibize nge "kholwa." Uyikholwa, kodwa uyisibonelo esidabukisayo salo, mhlawumbe. Uma ubunoKristu ngempela enhliziyweni yakho, awudingekile ukucabanga ngezinto ezinjalo. Anginandaba ukuthi bonke abesifazane wenzani, futhi onke amantombazane enzani, uyokwehluka, ngoba uthanda uKristu kakhulu.

150 Ngakhuluma nowesifazane ngelinye ilanga, endlini, futhi waphakamisa izandla zakhe *kanje,* wathi, "Mfu. Branham, nginqunu impela, lapha endlini yami. Ngiyahamba ngizungeza."

151 Ngacabanga, "Ngiyakudabukela." Endlini yakho uqobo, anginandaba ukuthi ukuphi. Kunjalo. Gqoka futhi uziphathise okowesifazane, njengoba inenekazi lifanele. Ngiyakudabukela. Kodwa ugcina . . . Futhi iBhayibheli lathi, "Uma uthanda lezozinto, izinto zezwe, uthando lukaKristu alukho ngisho kuwe." Futhi uma uthanda iNkosi, nje yonke inhliziyo yakho, ngawo wonke umphefumulo wakho, ngayo yonke inqondo yakho, uyogcina konke lokho ukungcola okuncane okudala, izinto ezimbi ziphume kuwe. Kunjalo.

152 Futhi wena dikoni, futhi nina abanye lapha, enigijima phandle emgwaqeni lapha, futhi undwazise intamo yakho futhi ubuke kubo bonke labo besifazane. Ngiyakudabukela; futhi uzibiza "ngamadodana kaNkulunkulu." Ngiyazi lokho kuyabashula, kodwa kungcono ubashulwe kunoma–ke ushiswe phakade lapho. Ngakho uma wenza lezozinto . . . Manje, ungeke wakusiza uma owesifazane ehamba ehla ngomgwaqo, egqoke ingxenye. Wena, uma ubuka, ubophezelekile ukumbona, kodwa

ungaphendula ikhanda lakho. IBhayibheli lathi, "Obuka owesifazane amkhanukele, usephingile naye enhliziyweni yakhe."

153 Ake ngikutshele okuthize, dadewethu othandekayo, uzophendula. Anginandaba, ungahle ubemsulwa njengomnduze. Ungahle ukuba awusenzanga neze isono salolohlobo, isono sokonakala, empilweni yakho. Kodwa uma ugqoka kanjalo, uzophendula ekwahlulelweni ngayo yonke indoda eyakubuka. IBhayibheli lasho. Futhi hamba wehle ngomgwaqo, ubani onecala, indoda na? Qhabo, mnuzane. Uwena. Uziveze kanjalo.

154 Owesifazane unendawo enkulu. Ingcwele, inhle, indawo emangalisayo. Kodwa ufanele azigcine ngaleyondlela, ukubamba isikhundla sakhe njengoba efanele, njengomama, njengowesifazane futhi ubufazane. Uma ubufazane buphukile, ithambo lomgogodla lanoma yisiphi isizwe lephukile. Futhi kungaleso sizathu, namhlanje, isizwe sakithi sonakele, kungenxa yokonakala kwabesifazane bethu. Kunjalo impela. Impela. Ukubola phakathi kwethu, okukuphulayo.

155 Okudingayo ukuhlangana naloMelkisedeki kanye. Amen. MakaKu—makaKubusise futhi akunike iwayini, isinkwa, ukuPhila okuPhakade. Khona–ke uyobona izinto ngokwehlukile. Khona–ke uyo . . . Kuyoba ngokwehlukile. Ungeke ufune abafana ukwenza i—inkentshane lishaye ikhwela kuwe, impisi ishaye ikhwela, noma ngabe yini ofuna ukukubiza. Impela ngeke. Uyokwehluka.

156 Futhi uqonde ukungitshela ukuthi ugqoka kanjalo, futhi uphume lapho, nganoma iyiphi inhloso na? Wena uthi, "Ngani, kupholile." Uxoxa indaba. Akupholile. Isayense iyakufakazisa ukuthi akupholile. Kuyi . . . Ukukhanuka okufika kuwe, dadewethu. Awuqondi. Angizami ukukulimaza, kodwa ngizama ukukuxwayisa. Omningi wesifazane oqotho, nje ehlanzeke njengoba engenza, inenekazi elincane elihle, aphume nazo izinto, emgwaqeni, engena kuzwa kokwazi ukuthi wenzani, ngoba umshumayeli othize ohlubukile uyesaba ukuthi umyeni wakho ngeke esazikhokha izishumi zakhe ebandleni. Uma eke wahlangana noMelkisedeki, angeke azicabange lezozinto. Uyoshumayela iVangeli. Uma kubashule isikhumba emhlane wabo, uyoKushumayela, noma kanjani. Kunjalo impela.

157 Uyakwenza, futhi uyakwenza ngoba lowo moya wenkanuko uphezulu. Futhi nina besilisa eniyovumela omkenu benze lolohlobo lwezinto, nginamathemba amancane ngani njengendoda. Kunjalo. Kunjalo. Manje, akukho kuhalalisa kulokho, ngoba . . . noma akukho kuxolisa. Ngoba, yiqiniso lelo. Noma yimuphi owesilisa oyodedela umkakhe aphumele emgwaqeni futhi aziphathe kanjalo, mfowethu, ufanele ukugqoka izimpahla *zakhe*. Kunjalo. Wena, ngani, he!

158 Angisho ukuthi umkami angeke akwenze. Kodwa ngifanele ngiguqulwe futhi ngiphendulelwe, kulokho engiyikho manje, uma ngake ngahlala naye esakwenza. Futhi kunjalo impela.

Amantombazane ami, angahle akwenze uma eseba ngabesifazane. Angisho ukuthi angeke akwenze. Angazi. Lokho kusemseni kaNkulunkulu. Ngethemba ukuthi angeke akwenze. Uma ekwenza, ayohamba phezu kwemikhuleko kababa olungileyo. Bayohamba ngaphezu kwempilo yothize ozame ukuphila ngokulungile, uma beke bakwenza. Kunjalo. Kodwa ngifuna ukuphila ngokulungile, ngifundise ngokuyikho, ngibe kahle, futhi bengingabafundisa ngokulungile. Uma bekwenza lokho, bayoshaya indlela yabo ebheke esihogweni, phezu kwesihloko sokushumayela kwami, futhi phezu kwesihloko sikaKristu wami, futhi phezu kwesihloko sezexwayiso zami, kunjalo, uma beke bakwenza. Impela. Kunjalo.

159 Ngiyakudabukela. Uma uke wahlangana noKristu, ubuso nobuso, futhi Uyakubusisa, futhi ubeka lokho kwanga kwemvume enhliziyweni yakho, bonke odeveli esihogweni abasoze bakwenza uzigqoke futhi. Kunjalo. Uguqukile usuka ekufeni uya ekuPhileni, futhi ukuthanda kwakho kuhlelwe ezintweni zaphezulu futhi hhayi ezintweni zasemhlabeni. Amen. Kungcono ngisishiye leso sihloko. Kubucayi. Kulungile. Kodwa kuyiQiniso.

160 Kulungile, njengoba sihamba siqhubeka manje nje kancanyana ngokuqhubeka, khona–ke siyavala.

> . . .*bamadodana kaLevi,*. . .*bamukeliswa* okweshumi ko *ubupristi* futhi *banomyalo wokuthatha okweshumi kubantu ngokomthetho, okungukuthi, kubafowabo, ingani baphume okhalweni luka–Abrahama:*
>
> *Kepha yena ongabalwa ozalweni lwabo uthathile okweshumi ku–Abrahama, wambusisa lowo one*sithembiso.
>
> *Kepha ukuphikiswa ukuthi omncinyane ubusiswa ngomkhulu.*
>
> *Lapha–ke abantu abafayo bamukeliswa okweshumi; kepha* lapha *ngokufakazelwe ukuthi uyaphila.* Futhi ngi . . .
>
> *Futhi kungathiwa, noLevi,*. . .*wemukela okweshumi, owamukela okweshumi wathela okweshumi ngaye uAbrahama.*
>
> *Ngokuba wayesesokhalweni lukayise mzukwana uMelkisedeki emhlangabeza.*

161 Ukuziphatha kwakho—kwakho ngakuKristu kuyokwenza isinyathelo esikhulu kulokho abantwana bakho abayoba yikho. Impilo yakho oyiphila phambi komndeni wakho iyokwenza isinyathelo kulokho abantwana bakho abayoba yikho. Isizathu,

iBhayibheli lasho, ukuthi, "Uyovakashela ububi babazali kubantwana esizukulwaneni sesithathu nesesine."

162 Manje, imizuzu embalwa nje, ngaphambi kokuvala.

> Kepha *ngakho ke uma ukuphelela* (nakho ukuphelela kwakho futhi) *ngobupristi bukaLevi, (ngokuba abantu baphiwa umthetho) kwakusaswelekelani ukuthi* kufike…*omunye umpristi ngokukaMelkisedeki, engabiza ngokokuma kuka–Aroni na?*

163 Umthetho, umgcini–mthetho, niyabo, "O, ufanele wenze *lokhu*. Uma ungakwenzi *lokhu*, awusuye umKristu. Uma ungaligcini isabatha! Uma unga…Uma udla inyama! Uma wenza *lezi*zinto!" Yonke lemicabango yokomthetho. "Futhi ufanele uye esontweni. Uma ungayi, ukhokha inhlawulo ngakho. Ufanele wenze ukunikela ngemkhuleko." Leyonto ingumbhedo. Usindisiwe ngomusa kaNkulunkulu, ngokwazi phambili kukaNkulunkulu, ngokumisela ngaphambili kwaKhe. UNkulunkulu wabiza uAbrahama ngokumisela ngaphambili, ngokwazi phambili. Wabiza. Wamzonda uEsawu, futhi wamthanda uJakobe, ngaphambi kokuba omunye wabo azalwe. Kunjalo. Kungu—kungukwazi phambili kukaNkulunkulu owazi lezizinto.

164 Wena-ke uthi, "Kunamsebenzi muni ukushumayela iVangeli na?"

165 Manje ngizothi kini, lokhu. UPawulu wakuphendula lokho, noma uJesu wakwenza, njalo. Nangu uJesu. Wathi, "UMbuso waseZulwini ufaniswa nomuntu owaya kuleli, i—isiziba noma ichibikazi, futhi waphosa enethini. Wadonsa. Phandle lapho, wayenezimfudu zasolwandle. Wayenezimfudu. Wayenezinyoka. Wayenezibankwa. Wayenamaxoxo. Wayenezilwembu ezinkulu. Wayenemithuthambi. Wayene—wayenhlanzi." Manje, umuntu nje ebamba izinhlanzi.

166 Lokho kufana neVangeli. Nakhu manje, ngishumayela iVangeli. Nje ngiphosa inethi. Ngiyidonse, ngithi, "Bonke othandayo, noma ubani, makeze." Nakhu kukhuphuka abanye, ealtare. Bonke belenga ngokuzungeza ialtare. Bayakhuleka. Bayakhala. Angikwazi ukubehlukanisa. Akusiwo umsebenzi wami. Angithunyelwanga ukwahlulela.

167 Kodwa, kukhona phakathi lapho abangamaxoxo. Kukhona abayizibakwa. Kukhona abayizinyoka. Ku, abanye, izimfudu zasolwandle. Futhi kukhona abayinhlanzi. Akusiwo umsebenzi wami ukwahlulela. Ngithi, "Baba, nakhu engikudonse ngakukhipha."

168 Kodwa, ixoxo laliyixoxo, kwase kuqaleni.

169 Ulwembu, ulwembu oludala luyohlala lapho futhi lubuke luzungeze, isikhashana, luginqe lawomehlo amakhulu, lubuke luzungeze, luthi, "Uyazi ukuthini na? Nje nginokuningi cishe

kwaLokhu njengoba ngingama." Gxumbu, gxumbu, gxumbu, gxumbu, ziphume zihambe.

170 Inenekazi elidala lenyoka liyophakamisa ikhanda lalo, futhi lithi, "Awu, uyazi ukuthini na? Uma bezoshumayela kanjalo, ngokuphikisana nokugqoka izikhindi nezinto, lokho kuthatha mina. Ngakho ngizophuma kulesosixuku sabaginqiki abangcwele. Yilokho konke okufanele kube yikho." Wawuyinyoka kwasekuqaleni. Kunjalo impela. Ya.

171 Futhi nakhu kuhlezi umnumzane omdala uselesele xoxo, naleso sigazu esikhulukazi emlonyeni wakhe, njengejongosi lase Texas elingenampondo, liyoma lapho futhi libuke lizungeze, lithi, "Awu, akuzange kungilahle ngecala ukubhema. Ngizophuma nje kulento, khona manje." Awu, wena xoxo elidala, wawuyilokho, kwasekuqaleni. Kunjalo impela. Kunjalo impela.

172 Imvelo yakho iyafakazisa ukuthi uyini. Impilo yakho iyakhombisa, ibonakalisa ukuthi uyini, futhi ekuqaleni. Akulikhuni kimi ukubona lokho. Akulikhuni kuwe ukukubona.

173 Uma ngiphume ngaya kuRoy Slaughter umlimi ohlezi lapha, futhi ngibone izingulube phandle enqwabeni yomquba, zidla umquba, angeke ngicabange lutho olubhedayo ngakho. Uyingulube. Kodwa uma ngibone iwundlu phezulu kuleyo nqwaba yomquba, ngiyomangala. Ehhe. Niyabo? Ungakhathazeki, ungeke umbone lapho. Ubengeke nje akumele. Kunjalo.

174 Futhi umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyazizonda izinto zezwe. Kunjalo, "Ngokuba uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe."

175 Uma ngingijima ngizungeza nabesifazane nsuku zonke, futhi ngingene, ngitshele umkami ukuthi ngangimthanda, ubeyokwazi ukuthi ngingumqambi manga. Izenzo zami ziyokhuluma kakhulu kunamazwi ami. Impela. Ngifakazisile kuye ukuthi angimthandanga, ngoba ngangingaqinisile kuye.

176 Ungitshelile ukuthi uyangithanda, futhi ngasosonke isikhathi ngiyobe sengihambile, uyophuma nomunye othize, kuyofakazisa ukuthi wayengangithandi. Kunjalo. Izenzo zakhe ziyafakazisa. Anginandaba ukuthi uyozama kangakanani ukungitshela, "Bill, ngiyakuthanda, futhi akekho omunye ezweni kuphela wena," bengiyokwazi ungumqambimanga.

177 Futhi uma uzama ukuthi, "Nkosi, ngiyakuthanda," futhi ngenza izinto zezwe, uNkulunkulu uyazi ungumqambi–manga, kwasekuqaleni. Ngakho ngani na? Kunamsebenzi muni ukwemukela ulwazi olunguhhafu oludala lokuzibonela, futhi okuthize okunye okunjalo, ngenkathi izibhakabhaka ezinkulu zaseZulwini zigcwele into yangempela na? Ufunelani ukuba olusizi, uzenze, ingxenye, okubhakiwe ingxenye, okubizwa ngomKristu na? Ngenkathi, ungaba umntwana ozelwe ngokusha

ngempela kaNkulunkulu, nezinsimbi zaseZulwini zikhala enhliziyweni yakho, ujabula, futhi udumisa uNkulunkulu, futhi uphila impilo yokunqoba ngoJesu Kristu.

178 Hhayi ukuzama ukuzenzela wena uqobo, ngoba uyokwehluleka, okokuqala nje. Kodwa thatha Yena, IZwi laKhe, futhi uphumule kulokho Akusho ukuthi kwakuyiQiniso. Futhi uMkholwe, futhi uMthande, Uyokwenza yonke into isebenze kahle kahle kuwe. Kuyilokho. Lowo umqondo.

179 INkosi ikubusise. Angikuthethisi, kodwa, mfowethu, kungcono kunakho konke ukuthola ukuthethiswa okuncane. Ningabancane bami. Niyabo? Futhi noma yimuphi ubaba othanda abantwana bakhe impela uyobaqondisa, noma akasilo uhlobo lukababa olulungile. Kunjalo na? Kunjalo. Futhi lobaba unomthetho owodwa kuphela, futhi lowo umthetho wekhaya. Futhi uNkulunkulu unomthetho owodwa kuphela, futhi lelo iZwi laKhe.

180 Uma silikholwa iZwi laKhe, khona–ke siyophila ngeZwi laKhe. Umsebenzi wethu, uma sake sahlangana noNkulunkulu. Hhayi ngoba uthi, "Awu, ngiya esontweni, futhi ngifanele ngenze *lokhu*." Ulusizi. Ungakwenzi lokho. Kungani ufuna ukuba ngolusizi, omxegexege, elingenakumesaba uNkulunkulu igwababa, uma ubungaba ijuba na? Impela. Wena nje ufanele ube nemvelo yakho ishintshiwe. Futhi ushintsha imvelo yakho, uba indodana nendodakazi kaNkulunkulu, yiba sekuthuleni noNkulunkulu.

181 UJesu! "Ngakho–ke naye uJesu, ukuze angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo, wahlupheka ngaphandle kwamasango," amaHeberu 13:12 nele 13. AbaseRoma 5:1, "Ngakho lokhu sesilungisisisiwe ngokukholwa," hhayi ngokuxhawula izandla, hhayi ngombhaphathizo wamanzi, hhayi ngokubeka izandla, hhayi ngokumemeza, hhayi ngokukhuluma ngezilimi, hhayi noma ngamuphi umuzwa. "Kodwa lokhu sesilungisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Sedlulile ekufeni saya ekuPhileni, futhi siba yizidalwa ezintsha, ngoba sikholiwe eNdodaneni ezelwe yodwa kaNkulunkulu, futhi siMemukele njengoMsindisi wethu. Futhi iGazi laKhe liyasebenza, kulobubusuku, njengenhlawulo yezono zethu, ukuma endaweni yethu.

182 ETestamenteni eliDala, kukhona indawo eyodwa kuphela ukuba nenhlanganyelo, leyo ingaphansi kwegazi. Lonke ikholwa lalifanele lifike ngaphansi kwegazi. Uma isithole esibomvu sasibulawa, sasenziwa umnikelo wesono. Sifanele sibebomvu. Futhi isahluko 19 sikaEksodusi, uma noma ubani wenu engathanda ukukufunda. Futhi sifanele sithathwe, inselo, konke, kushiswe ndawonye. Futhi–ke lokho kwakwenziwa amanzi okwehlukanisa. Kwakuhlelwa ngaphandle kwamasango. Kwakufanele kuphathwe ngezandla ezihlanzekile. Igazi

lalesisithole lahamba phambili. . .ebandleni, futhi lashaya ngokuphindwe kasikhombisa ngaphezu komnyango. Futhi manje, wonke umuntu ongcolisiwe enyuka, kufanele kuqala aqonde futhi abone lelogazi, futhi aqonde ukuthi kukhona inhlanganyelo eyodwa ngaphansi kwalelogazi. Yileyo ndawo kuphela umkhonzi ayengakhonza ngempela ngokusemthethweni, kwakungaphansi kwegazi.

183 Khona–ke, into yokuqala ayefanele ayenze, ngaphambi kokuba ubengeza ngaphansi kwegazi, kwakufanele kubekhona lamanzi okwehlukanisa afafazwe phezu kwakhe, futhi okungahlanzekile kwenziwa kwahlanzeka.

184 Futhi bathatha amanzi okwehlukanisa futhi bakufafaza phezulu komuntu ohamba phansi, futhi kwamehlukanisa ezonweni zakhe. Futhi–ke uhambe phansi kwalena eyisikhombisa imisho yegazi, futhi waba nenhlanganyelo nawo wonke amakholwa eBukhoneni bukaNkulunkulu.

185 Kukhona indlela eyodwa kuphela yokukwenza. Hhayi ukuxhawulana, hhayi ukujoyina isonto, hhayi ngemibhaphathizo, hhayi ngamadlingozi; kodwa yenyukela emanzini okwehlukanisa, beka izandla zakho, ngokukholwa, phezu kwekhanda likaJesu, futhi uthi, "Ngiyisoni, futhi Wena wafa endaweni yami. Futhi Okuthize kimi kungitshela ukuthi Uyongithethelela izono zami, futhi ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami ngqo manje." Hamba ngaphansi kweGazi, laphaya, yiba nenhlanganyelo nabantwana bakaNkulunkulu. Yilokho–ke. Dlana isinkwa, phuza iwayini, futhi yiba nenhlanganyelo nebandla.

186 O, aKamangalisi na? Akamuhle na? Manje, lokhu kungabonakala kuxakile kuwe, mngani. Kodwa yini—yini engiyimele lapha futhi ngisho lezizinto na? Bengingazisho ukuzama ukuzenza mina uqobo ngehluke komunye othize na? Uma ngikwenza, khona–ke ngidinga ukuphenduka. NgiyaKusho ngoba uNkulunkulu waKusho, ngoba KuyiZwi likaNkulunkulu. Futhi lalela. Kuza isikhathi, futhi manje yiso, ukuthi uma abantu behamba besuka empumalanga beya entshonalanga, bezama ukuthola iZwi likaNkulunkulu, futhi bengenakuLithola.

187 Uma uya emhlanganweni, into yokuqala oyenzayo, ungena phakathi lapho futhi ubenesixuku sezilimi nokuhunyushwa, futhi omunye umuntu esukuma futhi elokhu ecaphuna umBhalo; futhi lokho okwenyama. Qiniso. UNkulunkulu wathi kithi "ningathemelezi," nithini ngaYe na? Uma ake AKubhala, Kukholweni. Akafanele aKusho futhi. Izilimi nokuhumusha kulungile, kodwa kufanele kube umlayezo oqonde ngqo ebandleni futhi komunye umuntu, hhayi nje okwenyama nezinto ezinjalo. Futhi–ke uba phambili kuzozonke lezizinto ezinye.

188 Lapha ngolunye usuku, amadoda amabili ahamba angena. . .futhi indoda futhi unkosikazi, futhi enye indoda

nomkayo, abasha nje abashadile, baya endaweni, ukuya eAfrika njengesithunywa senkolo. Omunye umuntu wama futhi wanikeza isiprofetho, futhi wanika izilimi nokuhunyushwa, ukuthi, "Babenonkosikazi womunye ngamunye." Ukuthi, "Akumele kube ngaleyondlela. Bagane umuntu okungesuye." Futhi labo bantu ababili behlukene futhi baphinda bashada, baphinda futhi. INdoda eyodwa yathatha unkosikazi womunye, omunye, ehlelweni eliholayo lePentecostal, futhi baya eAfrika nje ngezithunywa zenkolo.

189 Mfowethu, uma uthatha isifungo sakho, ubophezelekile kuleso sifungo uze ukhululwe ukufa. Kunjalo impela. Impela. Uma uthatha isifungo, ukuzibophela.

190 Wonke lowo, umbhedo! Futhi sekufike endaweni kuze kuthi uma uya emabandleni, kuphakathi kokuthi kubanda kakhulu futhi ukugcina umthetho ngamehlo futhi ukoma, kuze kuthi isikala–zinga somoya siyoya emashumini amahlanu ngaphansi kuka zero. Abantu behlezi nje njengensumpa emanzini okugqumisa, nje njengomuncu futhi abangakhathali futhi abashwabene. Futhi uma uzwa omunye umuntu, emuva le lapho ekhoneni, kungahle kubhonge u "amen," omncane kanye ngesikhashana, njengokungathi kuyabalimaza, bonke bayokwelula izintamo zabo ezincane njengehansi, ukubuka ngokuzungeza, niyabo ukuthi kwenzekeni. Niyazi lokho yiqiniso. Angikusho lokho njengehlaya. Lena akusiyo indawo yokuhlekisa. Lelo yiQiniso. Kunjalo. Ngiyakusho ngoba kuyiQiniso leVangeli.

191 Futhi olunye uhlangothi, uthola isixheke sombhedo sesixheke samadlingozi okwenyama eqhubeka, futhi iqiniso leZwi likaNkulunkulu ekugcineni selifike endaweni lapho ungaLizwa ngokungavamile: imaphakathi lomgwaqo elidala, iVangeli, ukuKhanya endleleni yami, haleluya, iGazi leWundlu, uthando lukaNkulunkulu olusehlukanisayo sisuke ezintweni zezwe.

192 "Usuke wakhuluma ngezilimi, mfowethu na? AwunaWo. Umemezile kwaze kwathi ukuzwa okubandayo kwenyuka ngomhlane wakho na? Uwabonile amabhola omlilo na?" O, umbhedo! Hhayi into enjalo.

193 Uyikholiwe iNkosi uJesu Kristu futhi waMemukela njengoMsindisi wakho ngqo na? Futhi uMoya kaNkulunkulu uyafakaza nomoya wakho, ukuthi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi impilo yakho ithela isithelo sothando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ubuvi, ububele. Khona–ke ungumKristu. Uma ungakwenzi, anginendaba ukuthi wenzani.

UPawulu wathi, "Benginganikela ngomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo. Ngaze zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu. Ngingagudluza izintaba ngokukholwa kwami.

Ngingakhuluma ngezilimi njengabantu neziNgelosi. Angilutho." Kuthiwani ngalokho na? AbaseKorinte bokuQala 13; thola ukuthi Lokho kulungile noma qha.

194 Manje thola ukuthi uma—uma abaseKorinte, abaseKorinte besiBili 13, ngikholwa ukuthi kunjalo. Noma, awu, kuphakathi kwabaseKorinte bokuQala noma besiBili. AbaseKorinte bokuQala lapho, abaseKorinte bokuQala 13, kunjalo. "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, kokubili uhlobo olungahunyushwa nalolo olungenakahunyushwa, angilutho." Ngakho kunamsebezi muni ukudlala ngobuthutha ngakho, pho–ke na?

195 "Noma ngiqonda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu." Kungani niya emakholiji futhi nizame ukufunda kangako ngakho na? Kungcono ulungisane noNkulunkulu, kuqala. Impela. "Noma ngi, 'O, haleluya obusisiwe!'"

196 Unakho ngokungathi ungeke ube ngisho nebandla ngaphandle uma unomkhankaso wokuphilisa noma uhlobo oluthize lwezimangaliso luqhubeka. "Esintekenteke futhi isizukulwane esiphingayo sifuna okunjalo." Ufuna ukwenzani ngalokho na?

197 UPawulu wathi ubengenza zonke izinhlobo zezinto, ngisho ukugudluza izintaba, futhi uselokhu engelutho. "Lapho okukhona izilimi, kuyonqamuka. Lapho okukhona ukwazi, kuyonyamalala. Lapho okukhona iziprofetho, kuyokwehluleka. Kodwa uma lokho okuphelele kufika, kuyohlala phakade," futhi uthando ukuphelela. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa." Lowo, "Othuthumelayo, oqhaqhazelayo, okhulumayo, obani"? "Okholwa nguYe akasoze abhubha, kodwa unokuPhila okuPhakade." Kukholweni lokho, bantwana.

198 Bazama ukukwenza kube ngokudida kakhulu, *lezi* zinto futhi *lezo* zinto. Uma, kubilela phansi ngqo kwenye into: ukukholwa kwakho ngqo kuNkulunkulu. Yilokho–ke. Lokho kusho lokho. "Ngokuba ngokukholwa," hhayi ngokuzwa. "Ngokukholwa," hhayi ngamadlingozi. "Ngokukholwa," hhayi ngemizwa. "Kodwa ngokukholwa usindisiwe; futhi lokho ngoku. . ." Ngoba ufune iNkosi na? Ngoba ube ngumuntu omuhle na? Ngoba, "UNkulunkulu, ngomusa, wakwazi phambili futhi wakugcobela ekuPhileni okuPhakade."

199 UJesu wathi, "Akukho muntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi wonke oza kimi, Ngiyomnika ukuPhila okuPhakade. Akukho muntu ongabahlwitha esandleni saMi. BangabaMi. Basindiswe phakade. Ngibatholile. Akukho muntu ongabahlwitha baphume esandleni sikaBaba waMi, futhi Unguye Yedwa oNginika bona. Bayizipho zothando zaMi."

200 "Futhi bonke Ayebazi phambili, Ubabizile." Akabizi noma ubani ngaphandle uma Amazi phambili. "Bonke Ababizile,

Ubalungisisile; bonke Abalungisisile, Ubakhazimulisile." Ngakho, niyabo, nje sisekuphumuleni okuphelele.

201 Manje, ngiyazi kunezininingi izazi mthetho lapha, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye–nesishiyagalolunye enu. Kodwa, bukani, uma nje uzothatha Lokhu, futhi uqonde ukuthi angizami usho okuthize kuwe.

202 Khona–ke uthi, "Awu, Mfowethu Branham, bengihlale ngicabanga ukuthi ngiyofanele ngenze *lokhu* futhi ngiyofanele ngenze *lokho*." Kukhona nje u—nje umehluko kukho, mfowethu, ufanele wenze futhi lokho ofuna ukukwenza. Usindisiwe, hhayi ngoba unento yokukwenza. Usindisiwe ngoba uNkulunkulu wakusindisa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

203 Lalelani. Lalelani lapha. IBhayibheli lathi, eSambulweni. Ngizonithatha nginisusa ekuqaleni kuya ekugcineni manje. IBhayibheli lathi, eSambulweni, ukuthi, ngenkathi isilo sifika, sakhohlisa bonke abasemhlabeni. Isilo sakwenza. "Sakhohlisa bonke abasemhlabeni, abamagama abo ayengalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu . . . " Selokhu kwaqala imvuselelo na? Ngabe lokho kuzwakala kahle na? Awu, selokhu umshumayeli eshumayele leyo nkonzo enamandla na? Selokhu lowo muntu aphiliswa na? " . . . selokhu kwasekelwa umhlaba."

204 UJesu wabulawaphi, eKalvari na? Qhabo, mnumzane. UJesu wabulawa ngaphambi kokusekelwa komhlaba. "Bhekani iWundlu likaNkulunkulu, elabulawa ngaphambi kokusekelwa komhlaba." UNkulunkulu, ekuqaleni, ngenkathi Ebona isono, Wabona okuyokwenzeka, wakhuluma iZwi. Futhi uJesu wabulawa ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Futhi wonke umuntu wasindiswa, wasindiswa, ngokweBhayibheli, ngenkathi iWundlu libulawa emqondweni kaNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Wawufakiwe ensindisweni–ke. Ngakho uzokwenzani ngaKho na?

205 UNkulunkulu. Malibongwe iGama leNkosi! "UNkulunkulu osebenzayo; hhayi othandayo noma ogijimayo, kodwa uNkulunkulu okhombisa umusa."

Uma uJesu wabulawa ngaphambi kokusekelwa komhlaba, kwathatha iminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kokuba kwenzeke ngempela. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ekukhuluma emuva lapha, lonke iZwi likaNkulunkulu libambelele ngqi. Aliguquki. Liyanika. Alisoze lehluleka. Futhi ngenkathi uNkulunkulu ebulala iNdodana ngaphambi kokusekelwa komhlaba, Wayebulawa nje njengoba Abulawa eKalvari. Ungumkhiqizo osuphelile, ngenkathi uNkulunkulu esho njalo. Futhi khumbulani, ngenkathi iWundlu libulawa, insindiso yakho yayifakiwe emhlatshelweni, ngoba iBhayibheli lathi ukuthi igama lakho lali "Lotshiwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa komhlaba."

Kuthiwani ngalokho na? Khona–ke sizokwenze njani na? UNkulunkulu okhombisa umusa. UNkulunkulu okubizayo. UNkulunkulu owakukhethela kuKristu ngaphambi kokusekelwa komhlaba. UJesu wathi, "Anizange—anizange ningikhethe. Nginikhethile. Futhi nganazi, ngaphambi kokusekelwa komhlaba." Nakho la okhona.

206 Ngakho, niyabo, lokho kukhipha ukwesaba kuwe. "O, ngiyamangala uma benginga lokhu ngibambelele na? Ngiyokwenza, akabusise uNkulunkulu, uma nje ngiyolokhu ngibambelele." Akusikho ukuthi ngibambelele, noma qha. Kungukuthi Ubambelele, noma qha. Kuyilokho—lokho Akwenzile, hhayi engikwenzile. Kuyilokho Akwenzayo.

Kungaphansi komthetho wokuhlengwa na? Lena into encane engifuna ukuyisho ngaphambi kokuvala.

207 Ukuba–ke ihhashi elidala lensikazi lizale umnyuzi omncane na? Futhi lowo mnyuzi omncane ubunamadlebe amabili ephukele phansi. Wawunezingxemu, futhi unopete, unemilenze egobile. Umsila wawo uphakamele ngqo emoyeni. Isilwane esibukeka kabi kanje! Ngani, noma ubani . . . Uma lowo mnyuzi omncane ubungacabanga, uthi, "Manje, awume umzuzu. Ngenkathi bephuma endlini kulokhu ukusa, ngiyakutshela, ngizoshaywa ekhanda. Ngoba, abangondli. Buka ukuthi ngibukeka kabi kanjani. Angikaze ngilithole nhlobo ithuba."

208 Awu, kunjalo. Awukaze ulithole ithuba. "Awu, ngazelelwa kulelizwe, kodwa buka lapha ukuthi ngiyinto ebukeka kabi kanjani. Ngakho ngi—ngi—ngi . . . angisoze ngalithola ithuba. Angiyikukwenze. Angeke ngikwenze." Niyabo?

209 Kodwa uma umama wawo ewufundiswe ngempela umthetho na? Uyothi, "Ndodana, kunjalo. Wonke uphumile esimweni, futhi awulungele ngisho ukudla komhlaba. Kunjalo. Awulungele. Kodwa, ndodana, ngandlela thize, ungowokuqala wami. Futhi, uyazi, uzalelwe ngaphansi kobuzibulo. Futhi umpristi akasoze akubone. Kodwa, ngenxa yegama lakho, kuzofanele kube newundlu elimsulwa elingenakusolwa, lizofanele life endaweni yakho, ukuze wena uphile."

210 Awu, lowomnyuzi omncane ubungavele ukhahlele phezulu izithende zawo futhi ube nesikhathi esikhulu. Akwenzi mehluko ukuthi uyini, ngoba awuyikubonwa nhlobo ngumahluleli, umpristi. Yiwundlu umpristi alibukayo. Hhayi umnyuzi; iwundlu!

211 Futhi uKristu uNkulunkulu ambukayo, hhayi wena. UKristu. Ngakho uma kungekho phutha kuYe, lingaba khona kanjani iphutha na? Angalithola kanjani iphutha, uma ufile futhi impilo yakho ifihliwe kuKristu ngoNkulunkulu, yanamekwa uphawu ngoMoya oNgcwele na? "Labo abazalwa uNkulunkulu akoni, ngokuba angeke one." Angona kanjani uma umhlatshelo ophelele ulele lapho endaweni yakhe na?

UNkulunkulu akangibuki neze mina, ubuka uKristu, ngoba sikuKristu.

212 Manje, uma ngithanda uKristu, ngiyohlala naYe. Akasoze angingenise Aze angazi. Uma uNkulunkulu engisindisile namhlanje, Azi ukuthi uzongiswela emavikini ayisithupha kusuka namhlanje, Wehlula eyaKhe uQobo inhloso. Kunjalo. Akasazi ngisho isikhathi esizayo–ke, uma Engisindisile, azi. Ufuna ukungisindisela ini, Azi ukuthi uzongeswela na? UNkulunkulu akazenzi izinto, bese–ke eyibuyisela emuva emavikini amabili, ukugcina isithembiso saKhe. Uma Ekusindisa, kungokwesikhathi futhi iPhakade.

213 Manje, ungasetshenzwa, futhi uthi, "O, yebo, akabusiswe uNkulunkulu! Haleluya! Ngikhulume ngezilimi. Ngimemezile. Nginaye. Haleluya!" Lokho akuchazi ukuthi unaWo. Kodwa, mfowethu, uma into ethize yehlela *lapha*, futhi wehlisa ihange noKristu, khona–ke izithelo zikaMoya ziyakulandela. Siyafakaza, umoya wethu noMoya waKhe, ukuthi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ngiyacela yibani naLokho, bangane.

214 Ngiyonigcina ubusuku bonke lapha, sikhuluma ngalokho. NgiyaKuthanda. Ngiyanithanda. Ngiyabuya kuleli tabernakele elincane, isikhathi emva kwesikhathi, uma uNkulunkulu eyosindisa impilo yami. Ngifuna ukunibona ninezimpande niphansi kulokho kuKholwa okungcwele. Angifuni ukunibona nikhathazekile, ngawo wonke umoya omncane wemfundiso uza, futhi ukunyakazise, futhi uqhubeke, futhi ube negazi ezandleni zabo, noma isithwathwa esincane ebusweni babo, noma into ethize enye, futhi bebona uhlobo oluthize lo—lo—lokukhanya okuningi phambi kwabo, futhi uhlobo oluthize lwe—nto ewubugovu, njengoba iBhayibheli lathi, "Okhukhumele enhliziyweni yakhe, futhi ungabonanga lutho." Kunjalo. Ngifuna nina niqine ngqi eZwini. Uma kungu ISHO KANJE INKOSI, hlala naLo, phila naLo. Lelo iUrimu Thumimi yalolusuku. UNkulunkulu ufuna uphile ngaLokho. Uma kungesilo iZwi, khona–ke khohlwa yilo. Philela uNkulunkulu, philela uKristu.

215 Futhi uma inhliziyo yakho iqala ukuduka ngokuzungeza, niyazi kukhona into ethize okwenzekile, buyela ealtare futhi uthi, "Kristu, yenza busha okwami. . . injabulo yensindiso yami. Ngiphe lolothando engake ngaba nalo. Kuyavuza, Nkosi. Kukhona engikwenzile. Ngenze ngibe ngcwele futhi, ngime. O Nkosi, akukho lutho ebengingakwenza. Angeke ngikuyeke *lokhu* futhi ngiyeke *lokho*. Ngibuka Wena ukuba ukukhiphe kimi, Nkosi, futhi ngiyaKuthanda."

216 Futhi phuma kuleloaltare, ungumuntu omusha kuKristu Jesu. Khona-ke awuzukuthembela esontweni lakho, uthembele

kumpristi wakho, uthembele kumelusi wakho. Uthembele eGazini leNkosi uJesu elichithiwe. "Ngomusa nisindisiwe."

Asikhuleke.

217 Nkosi, ukufundisa okuqine kanje! Isikhathi sokuthi leli bandla elincane belingathatha ukudla, futhi kungabe kusaba ubisi leZwi. Kade sisobisini kakhulu manje, sinikeza umntwana ibhodlela lakhe. Kodwa sifanele sibe nokudla okuqinile, ngokuba usuku luyasondela. Izikhathi ezinengozi kakhulu seziseduze, futhi inkathazo eningi ilele emgwaqeni. Futhi siyazi ukuthi akusoze kwaba nezikhathi ezingcono. Siyazi ukuthi sisekupheleni. Izikhathi ziyoqhubeka ziya ngokuba zimbi futhi ziba zimbi kakhulu aze uJesu afike, ngokwemiBhalo.

218 Singeke sibethembise lutho kulokhukuphila. Kodwa ekuphileni okuzayo, singabathembisa ukuPhila okuPhakade ngeZwi laKho, uma beyokholwa eNdodaneni kaNkulunkulu futhi baYemukele njengenhlawulo yabo, njeNgomi endaweni yabo, njengaloYo owathatha izono zabo. Siphe khona manje.

219 Kwangathi abangakholwayo bangabangabakholwayo. Kwangathi abesonto abazishoyo, lapha kulobubusuku, ovuma inkolo futhi nje behlala esontweni, kwangathi bengemukela ulwazi lokuzibonela noNkulunkulu; ukuthi uthando olungaka lufike enhliziyweni yabo, ukuthi bakhalele izono zabo, baphele kubo, futhi bazalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, futhi babemnene futhi umusa, ukuthanda, futhi bagcwale injabulo nezibusiso. Bephila impilo enje, baze babenobusawoti kakhulu benze abantu ababazungezile, bomele ukuba njengabo. Siphe khona, Nkosi, ngokuba sikucela eGameni laKhe.

Futhi amakhanda ethu ekhotheme.

220 Ngiyamangala, kulobubusuku, uma kungabakhona oyedwa lapha, othi, "Mfowethu Branham, uma ngilinganiswe esilinganisweni sikaNkulunkulu ngalesosikhathi, angisoze nhlobo, nhlobo, nhlobo ngakwazi ukuhlangana nale sosidingakalo okhuluma ngaso kulobubusuku. Ngifuna wena ungikhumbule emkhulekweni, ukuthi ngizoshintsha izindlela zami, futhi uNkulunkulu uzongena futhi akhiphe lombhedo kimi futhi angenze umKristu wangempela"? Ungasiphakamisa isandla sakho wenzele umkhuleko, uma—uma ungakwenza na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, emuva. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu omkhulu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

> Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi Nkulunkulu wamabandla.
>
> Izulu nomhlaba kugcwele Wena,
>
> Izulu nomhlaba kudumisa Wena,
>
> O Nkosi oPhezu Konke.

221 "Ngcwele." Njengoba nicabanga manje, nikhuleka, njengoba nizwa nenelisekile ukuthi kade ninephutha, futhi nifuna ukuba kahle, ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngenze ngibe yilokho engifanele ngibe yikho."? UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. "Nkulunkulu, ngenze ngibe yilokho engifanele ngibe yikho." UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu, wena, wena, wena *ngapha*.

222 Usuku luyafa. Ngiyazi kul'khuni, bangane, kodwa kungcono ukwazi iQiniso manje. Manje ngokuthula khuleka.

> Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi Nkulunkulu . . .

Ungcwele, yena yedwa.

> . . . kugcwele Wena,
> Izulu nomhlaba kudumisa Wena,
>
> O Nkosi oPhezu Konke

223 Baba waseZulwini, njengoba ilanga lishona kusihlwa, izinyoni amarobini ayahlangana ezihlahleni nabathandiwe bazo. Izinyoni zonke ziya ezidlekeni zazo. Amajuba andizela phezulu kowaya, phezulu, ngakho izinyoni angeke ziwakhathaze ebusuku. Ahlala lapho futhi ekhalelana aze alale. Ilanga ekugcineni liyashona.

224 Ngelinye ilanga siyehla kulelohora. Ukushona kwelanga kuzokwenzeka. Angazi ukuthi nini, Nkosi. Kodwa kukhona abantu lapha kulobubusuku onelisekile ukuthi kade bengalungile, futhi bafuna ukuza kuleyondawo . . . Njengo Lincoln uza kuyo ngenkathi efa, wathi, "Phendulani ubuso bami ngase kushoneni kwelanga." Futhi waqala, "Baba wethu oseZulwini."

225 Njengoba uMoody wakudala wathi, "Ngabe lokhu ukufa na? Lolu usuku lokugcotshwa kwami."

226 O Wena oPhakade, bemukele khona manje nje; ngokukholwa, njengoba bahlezi lapho ezihlalweni zabo. Ungqongqothe enhliziyweni yabo, esihlalweni. Lelo ialtare labo. Lesi isikhathi saKho ukubemukela, khona manje nje. Wena wathi, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle."

227 Futhi ngelinye ilanga uma ilanga selishona, inkosikazi noma umyeni umile ngasembhedeni, odokotela bayasuka. O Ngcwele, Ngcwele, lokho kuhle, ukuthula okumnandi, nje ngaphambi kokushona kwelanga. Uma sesingasukuma futhi sithi:

> Ukushona kwelanga neNkanyezi yokuHlwa,
> Futhi eyodwa ecwebile iyangibiza;
> Futhi kwangathi kungebekhona ukulila enkantolo
> Uma ngifakwa olwandle.

228 O Nkulunkulu, baphe khona kulelihora; besalindile, belindele isibusiso sikaNkulunkulu ukuba sifike phezu kwabo. Thatha konke okolaka, konke okwezwe, kusuke kubo, bese udala kubo inhliziyo entsha. Wena wathi, "Ngiyosusa inhliziyo endala, bese ngifaka inhliziyo yenyama. Futhi Ngiyofaka uMoya waMi kuleyonhliziyo, futhi bayohamba ezimisweni zaMi futhi bagcine imiyalo yaMi." Ngoba, kuyisimiselo sothando, futhi hhayi esomsebenzi. Ngesothando. Nothando lusiphoqa ukuba sikwenze. Ngumsebenzi wothando, ukusiphoqelela. Ngumsebenzi wethu ukuba silandele uthando. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Wena uzolunika yonke inhliziyo abaphakamise isandla sabo kulobubusuku.

229 Nalabo abangasiphakamisanga isandla sabo, kwangathi bona manje, ngomusa, bangaphakamisa izandla zabo ukuba bemukele Wena, nokuba bagcwaliswe ngoMoya waKho ngale emnene, emnandi, ethule, indlela ethobile; futhi bagcwale umusa, baphume lapha njengomuntu oguquliwe. Ukuthi izinyoni zizocula kanjani ngokwehlukile, ukuthi wonke umuntu uzokwehluka kanjani, emva kwalelihora, O, Nkosi oPhezu Konke.

> Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele, Nkosi Nkulunkulu womhlaba,
> IZulu nomhlaba kugcwele Wena,
> IZulu nomhlaba kudumisa Wena,
> O Nkosi oPhezu Konke.

230 Nina manje namakhanda enu ekhotheme, nina eniphakamise izandla zenu ukuba nikhunjulwe emkhulekweni, niyezwa yini sengathi uNkulunkulu ukhulume kini ngangokuthi manje, hhayi ngedlingozi, kodwa nje into ethize phansi le kuwe. Nizwa sengathi uNkulunkulu uninike ukuPhila okuPhakade na? Nizwa sengathi niphuma enkonzweni kulobubusuku njengomuntu ohlukile na? Ningaziphakamisa izandla zenu emuva kulobubusuku na? UNkulunkulu akubisise, ndodana. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. "Ngizophuma kulenkonzo, kulobubusuku, ngingumuntu omusha." Izingane ezisanda kuzalwa eMbusweni kaNkulunkulu.

231 Kwenzekeni na? Ngiyazi kuyinqubo yokuza ealtare. Lelo yi altare leMethodisti . . . inqubo yeMethodisti, ngiqonde ukusho njalo. Yasungulwa ebandleni leMethodisti, ngezinsuku zikaJohn Wesley. Kwakungakaze kube ngezinsuku zeBhayibheli. "Abaningi abakholwayo wenezelwa eBandleni." Ungakholwa noma ngabe ukuphi, phandle ensimini, phandle emgwaqeni, nomaphi. Nomaphi, akwenzi mehluko, nje uma njengoba wemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nawe. Kuyisenzo sikaMoya oNgcwele ongena enhliziyweni yakho. Uma uMkholwa, Memukele, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi niba yizidalwa ezintsha kuKristu Jesu.

Mawungangedluli, O Msindisi onobubele,
Manje manini ngezinyawo zenu.
. . . kukhala kwami kokuzithoba;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

232 Manje ngifuna insizwa nenenekazi, engibona ukuthi ngumkayo, ophakamise isandla sakho, ngifuna uphinde uphakamise isandla sakho emuva lapho; ndodana, ogqoke ibhantshi elibomvu, nenenekazi, ukuthi bemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nabo. Insizwa ehlezi lapha esihlalweni esinamasondo, yemukele uKristu njengoMsindisi wayo, izizwele ukuthi uNkulunkulu uyisindisile. Nabanye emuva phakathi lapho eniphakamise izandla zenu, ziphakamiseni futhi ukuze abantu bakwazi ukuqalaza, babe nenhlanganyelo nani.

233 Baxhawuleni, omunye ongapho, emi eduze kwabo. Uthi, "UNkulunkulu akubusise. Siyakwemukela eMbusweni kaNkulunkulu, mfowethu, dadewethu." Inhlanganyelo, yilokho esikufunayo. UNkulunkulu abusise . . . Xhawulani lensizwa lapha esihlalweni. INkosi ibe nayo. Kunjalo. Siyakwemukela enhlanganyelweni kaMoya oNgcwele.

234 Uma ungakaze ubhaphathizwe namanje, futhi ufisa ukubhaphathizwa, yenza indlela yakho wenyuke bese utshela umelusi ngakho. Ichibi lapha linawo ngisho amanzi kulo, kulobubusuku, uma ufuna ukubhaphathizwa. Yonke into isimi ngomumo. (Nibe nawo umbhaphathizo, empeleni na? . . . ? . . . ) Kodwa ichibi selilungele, uma noma ubani efuna ukubhaphathizwa. IBhayibheli lathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathize eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu, khona niyokwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu nabantwana benu, labo okude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

235 NiyaMthanda na? Phakamisani izandla zenu. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, Akamangalisi na? Niyijabulela kanjani leNcwadi yamaHeberu na? NiyaYithanda na? ["Amen."] Ya. Kuyamangalisa. Manje, Ingukuqondiswa. O, Iqinile futhi Iqondile, kodwa siyakuthanda lokho. Yileyondlela esifuna ukuba naYo ngayo. Besingeke saba naYo ngenye indlela.

236 Manje, niyakholwa ukuthi uPawulu unegunya lokuLishumayela kanjalo na? UPawulu wathi, "Uma iNgelosi efika futhi yashumayela noma yiliphi elinye iVangeli, mayibe ngeqalekisiweyo." Kunjalo na? Ngakho siMthanda ngenhliziyo yethu yonke.

237 Manje ngizocela umelusi ukuba eze lapha umzuzwana nje, umfowethu oyigugu kakhulu, uMfowethu Neville, futhi uzoba nezwi anitshela lona. Futhi manje, uma iNkosi ithanda, sizonibona ngoLwesithathu ebusuku, futhi senze amalungiselelo

mayelana nokuya kwaMfowethu Graham Snelling okobusuku benhlangano yebandla. Bese–ke kuba ngokokushumayela lapha ukuqhubeka, nesahluko 7 nese 8, lolu uLwesithathu oluzayo ebusuku. Mfowethu Neville.

